# KWATHI UKUBA AMEHLO ABO AVULEKE, BAMAZI

Baba wethu oseZulwini, siyakhuleka manje ukuthi Uzokwemukela inkazimulo ephuma ekubuthaneni kwethu ndawonye. SiyaKubonga ngethuba. Busisa iZwi laKho lapho Liphuma ubusuku ngabunye. Busisa abantu baKho lapho beLizwa. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu ungababamba IZwi eliwela enhliziyweni, futhi uLenze ukuba Lizibonakalise, ukuthi ngempela amakhulu abantu, ezweni lonke lapha, angasindiswa. Amakhulu abo abahluphekayo, belele emathunzini okufa, kwangathi bangabona ukuKhanya okukhulu kuvumbuka, futhi kwangathi bangaphiliswa, neGama laKho elikhulu lihlonishwe. Yingakho silapha, Nkosi, akusikho ukuthi sizihloniphe thina, kodwa ukuhlonipha uJesu Kristu phakathi kwethu. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

2 Manje njengoba ungena eBhayibhelini lakho, okwemizuzwana embalwa nje. Futhi ubusuku ngabunye manje ngizokhuluma nje cishe imizuzu engamashumi amabili kuya emashumi amathathu. Kade ngikwenza amaviki ambalwa edlule. Futhi nje ngikhulume imizuzu embalwa impela, sizobe–ke sisebiza umugqa womkhuleko, sikhulekele abagulayo, noma yini uMoya oNgcwele osiholela kuyo.

3 Futhi bangaki abazo, ningabaqalayo ukufika kulobubusuku, nani nonke ndawonye, enizokhulekela umhlangano, nizokwenza lokho na? Asikho lapha nje . . . si—silapha ngoba sizama ukusiza. Bazalwane, ngiyakholwa, iNkosi isisiza, sizoba nomhlangano omkhulu ukuhlonipha iNkosi yethu noMsindisi.

4 Sikholwa ukuthi Iyeza, khona nje. Uma Ingekho lapha kulobubusuku, ngizobe ngiYibheke ekuseni. Uma Ingekho lapha ngakusasa ebusuku, ngizoba lapha, iNkosi ithanda. Bese kuthi–ke uma Ingekho lapha, ngizoYibheka kusasa ebusuku. Bese kuthi–ke uma Ingekho lapha, ngizoYibheka ngobusuku obulandelayo. Ngiyafuna. Kade ngiYibhekile iminyaka engamashumi amathathu–nantathu manje, enkulu ingxenye yempilo yami, futhi angithenekile amandla. Ngibhekisisile, usuku nosuku, nehora nehora, ukuba Yona ibonakale.

5 Manje njengoba siphenya eBhayibhelini, eNcwadini ka—kaLuka oNgcwele, isahluko 24 kuqala ngevesi 13. Asime, ekuhlonipheni iZwi, sisafunda. ULuka oNgcwele 24, siqale ngevesi 13. Manje uma abanye benu ninawo amaBhayibheli enu, abanye babo uyathanda ukugcina indikimba yomfundisi, lapho ekhuluma esusela khona. Futhi manje ngifuna nina nilalele

ngokusondele. Nifunde nami uma ningakwenza, kuwe uqobo, sisafunda.

*Futhi, bheka–ke, ababili babo babehamba ngalona usuku baya emzaneni othiwa iEmawuse, ukude neJerusalema amastadiyu angamashumi ayisithupha.*

*Babe* hambisana. . .*ngazo zonke lezizinto ezehlakeleyo.* (Ngiyaxolisa.) *Babekhulumisana omunye nomunye ngazozonke lezizinto ezehlakeleyo.*

*Kwathi, ukuthi, besakhuluma bebuzana, uJesu uqobo wasondela, wahambisana nabo.*

*Kepha amehlo abo abebambekile ukuba bangamazi.*

*Wathi kubo, Zindaba zini lezi enikhuluma ngazo omunye nomunye, nihamba, ninyukumele na?*

*Omunye wabo, nguKleyophase igama lakhe, waphendula,* wathi *kuye, Wena uyisihambi eJerusalema, ungoyedwa ongazazi izinto ezenzekileyo*. . .*ngalezizinsuku na?*

*Wayesethi kubo, Zinto zini na? Bathi kuye, NgoJesu waseNazaretha, obengumprofethi onamandla ngesenzo nangezwi phambi kukaNkulunkulu nabantu bonke:*

. . .manje *Ukuthi abapristi abakhulu nababusi*. . . *bamkhaphela ukunqunyelwa ukufa, baze bambethela esiphambanweni.*

*Thina–ke besethemba ukuthi nguye ozakuhlenga uIsrayeli: kodwa phezu kwalokhu konke, sekulusuku lwesithathu lezizinto zenzekile.*

*Yebo, nabesifazane abathile bakithi basethusile, ababeyile ethuneni ekuseni;*

*Futhi kuthe bengasifumani isidumbu sakhe, bafika, bathi, babone nombono wezingelosi, zithi uyaphila.*

*Nabathile babakithi baya ethuneni, bakufumana kunjalo njengokuba beshilo abesifazane: kodwa yena uqobo abambonanga.* Wayesethi–ke. . .

*Wayesethi kubo, O nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke abakushilo abaprofethi:*

*UKristu ubengamelwe yini ukuhlupheka ngalokhu, aze* ukuba usengene *enkazimulweni yakhe na?*

*Wayesethathela kuMose nakubaprofethi bonke, wabachasisela*. . .*bhalweni yonke okuqondene naye.*

*Base besondela emzaneni, ababeya kuwo: yena washaya sengathi udlulela phambili.*

*Kodwa bamncengisisa, bathi, Hlala nathi: ngokuba sekuzakuhlwa, nemini isiyadlula. Wayesengena wahlala nabo.*

*Kwathi, esehlezi nabo ekudleni, wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wabanika.*

*Amehlo abo ayesevuleka, bamazi; wayesenyamalala kubo.*

*Base bethi omunye komunye,* Izinhliziyo *yethu ibingavuthi yini phakathi kwethu, lapho ekhuluma kithi endleleni, nalapho esivulela* umbhalo *na?*

*Base be*sukuma futhi bahamba *ngasona lesosikhathi, baphindela eJerusalema, bafumana abayishumi nanye, nababenabo behlangene ndawonye,*

*Bethi, Impela iNkosi ivukile, ibonakele kuSimoni.*

*Base belanda nabo okwenzekileyo endleleni, nokuthi yaziwa kanjani yibo ekuhlephuleni isinkwa.*

6 Asikhothamise amakhanda ethu. Nkosi Jesu, sikhulekela ukuthi Uzozazisa Wena uqobo kithi ngendlela efanayo, kulobubusuku, njengoba silinda kuWe. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

Ningahlala phansi.

7 Okwendaba evela kulokho, ngithanda ukuthatha lamazwi: *Kwathi ukuba Amehlo Abo Avuleke, BaMazi.*

8 Manje sikhuluma, kusobala, ngokuvuka, okukholwa phakathi kwawo onke amakholwa angamaKristu namhlanje. Kuyithemba leBandla. Uma uKristu engavukanga, khona–ke silahlekile. NobuKristu besekelwe phezu kokuvuka, manje, hhayi okufakelelwe. Ukuvuka! Isibonelo nje, lokhiye wasehotela labahamba ngezimoto lapha, uma ngiqathaza lowo kwiphansi lendlu, ngase ngithi, "Awu, ngiwuqathazile, ngizobeka omunye onjengawo lapha," lokho akusikho ukuvuka; lokho ngukufakelela. Niyabo? *Ukuvuka* ngu "kwenyusa into efanayo eshone phansi." NoNkulunkulu waMvusa ngosuku lwesithathu. Futhi siyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yethu, futhi siyayikholwa indaba yeBhayibheli.

9 Futhi qaphelani, ngaleliPhasika lokuqala ekuseni, uJesu uyaphila phakathi kwabo, ephuma phakathi kwabafileyo.

10 Into enhle kanje pho! Ngijabule kakhulu kanjani kulobubusu ukugcizelela lokho ngo "amen," ukuthi ngiyakholwa ukuthi Usaphila phakathi kwethu, ngesikhathi sasentwasahlobo seVangeli likaKristu lenkazimulo. Ngikholwa ukuthi Usaphila.

11 Ngikholwa ukuthi lokho bekuyi . . . Ya. Leso kwakuyisikhathi sasentwasahlobo sokuvuka, futhi,

sokuphila komuntu. Umuntu njalo wayekwesaba ukufa; babengenasiqiniseko sokuba bake babuye futhi emva kokufa.

12 Kodwa ukumbona Efa eKalvari, khona–ke evuswa futhi futhi wayenabo, ehamba phakathi kwabo ngalolusuku lwenkazimulo. Emva kwezinhlungu zenhliziyo nezinsizi, kanjalonjalo, ababedlule kuzo, nalawomahora amnyama okuMbona ebethelwa futhi ephinyiselwa, futhi kuhlekiswa ngaye, nakho konke lokho Ayekade edlule kukho kuleyominyaka emithathu nengxenye, nalawomahora okuvala obumnyama aMenza . . . LabobaFarisi baMzonda, noma kanjani, futhi babethokoza ngoba babecabanga ukuthi base bekuqedile, futhi lapha Ubonakala phakathi kwabo! He, usuku olunje pho! Ngangiyo . . .

13 Wawungethande yini ukuthatha uhambo noKleyophase nabo, endleleni eya eEmawuse na? Ngangiyothanda ukuhamba nabo. Futhi kungenzeka. Ngiyajabula ukuba ngophilayo namhlanje, ukuthi ngisengayenza into efanayo, ngihambe naYe namhlanje ngokufanayo nje njengoba benza ngaleyonkathi.

14 Umcabango wakho, wawungukuthi, ukuthi wayevuke kanjani uJesu kwabafileyo. Kodwa ingxenye edabukisayo yakho, yayingukuthi, abanye babo ababeMthanda, babengakwazi.

15 Futhi lokho ngempela yisithombe sanamhlanje. Kunabantu abaningi abaMthandayo, ongakaqondi namanje ukuthi Uyaphila. Bona, ngolunye uhlobo lomlando abalufunde esikoleni esithize. Ngenye incwadi yeseyense yezenkolo, enye isayensi ephathelene nenkambo elungileyo, inhlanganisela ephathelene nenkambo elungileyo, abayitadisha ndawondawo, futhi uJesu ungumumo womlando kubo. Futhi nokho, emlandwini, bayaMthanda, futhi abaqondi ukuthi Uyaphila nathi, ehambahamba ngqo nathi, njengoba nje Wayehlala enza. Ulapha ngokufanayo nje njengoba—njengoba Wayelokhu enjalo.

16 Manje, bona, isizathu (bona) kungani bengakukholwanga, yingoba ukuvuka kwakungejwayelekile kakhulu. Niyabo, kwakukhona . . . Lokho kwakungenzekanga ngaphambili, ngakho kwakuyinto engejwayelekile kubo ukuba bakholwe yinto enjengaleyo.

17 Futhi ukungejwayeleki kulapho uNkulunkulu elele khona. Niyabo? Ukuzalwa kukaKristu kwakungejwayelekile, “intombi iyakukhulelwa.” UNkulunkulu njalo ungongejwayelekile. Wenza into engejwayelekile, kodwa njalo ihambisana neZwi laKhe. Akenzi lutho neze ngaphandle kweZwi laKhe, akujwayelekile kakhulu; ngoba, Ukwethembisa kuqala, bese–ke ethumela omunye umuntu ukuba abonakalise leloZwi, ukuLenza libe yilo ngempela kubantu.

18 Ngenkathi nina bantu bePentecostal kuqala nemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, leyo kwakuyinto engejwayelekile. Kodwa nokho uNkulunkulu waWethembisa,

"aWuthulule ngezinsuku zokugcina," futhi nanku Wawukhona. Ngakho akunandaba ukuthi kwakungejwayelekile kanjani, kwakuyisithembiso sikaNkulunkulu esasifanele sibonakaliswe, ngoba uNkulunkulu wasethembisa.

19 Manje ukuvuka kwakungejwayelekile kwabaningi baKhe, abantu ababeMthanda; nokho kwakuyiZwi elithenjisiwe, kodwa lingejwayelekile kakhulu ukulikholwa.

20 Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu namhlanje, a—akwejwayelekile kakhulu kubantu baze bangafuni ukukukholwa, futhi nokho kuyiZwi elithenjisiwe.

21 Lento esiyibona yenzeka namhlanje yisithembiso sikaNkulunkulu, kodwa ayejwayelekile kakhulu emqondweni ongakaze ucabange ngayo ngaleyondlela.

22 Futhi yileyondlela ukuvuka okwakuyiyo kubantu abaningi ababeMthanda. Kwakunabantu ababeMhlonipha futhi baMkholwa ukuthi ungumprofethi kaNkulunkulu, futhi baMkholwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, kanjalojalo, kodwa noma kunjalo (bona, bona) u—ukuvuka kwakukukhulu kakhulu kubo ukuba bakholwe. Kwakuyisimanga esikhulu esivelayo.

23 Futhi thatha noma yini ephume ngempela esimangeni esivelayo kanjalo, njalo ihlole neZwi. Futhi uma iZwi layethembisa, khona–ke nguNkulunkulu kuphela ovuka enkundleni futhi. Futhi yileyondlela sonke isithembiso esiyiyo.

24 Futhi yingaleyondlela ababefanele basibone ngayo ngaleyonkathi, ngoba uNkulunkulu wethembisa ukuthi WayezoMvusa ngosuku lwesithathu. UDavide wathi, "Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, Angiyikuvuma ukuba ONgcwele waMi abone ukubola." UJesu wathi, "Dilizani lomzimba futhi Mina ngiyakuwuvusa futhi ngezinsuku ezintathu." Niyabo, kwakuyisithembiso.

25 Futhi kwakuyisimanga esivelayo, esingejwayelekile impela, nabaningi ababeMthanda babengenakusiqonda. Ngoba, sasi—sasingabazeka, emhlabeni wonke, ukuba uMuntu owayekade ebethelwe, nenkemba yadabula eyaKhe inhliziyo, noma umkhonto, onke amaconsi egazi emzimbeni waKhe laliphungukile phezu kwesiphambano, futhi babeMthathile futhi baMvalela ngophawu ethuneni, futhi baginqela idwala phezu kwalo, kuthathe ikhulu lendoda ukulibamba, bese–ke belivala ngophawu uphawu lwamaRoma, bese kuthi–ke ukuba kuthiwe, "INgelosi iyehla yase ilwephula uphawu, yase iliginqa ilisusa idwala, futhi nangu Uyaphila phakathi kwethu." Kwakuthi akube yinto exakile.

26 Futhi namhlanje wuhlobo olufanayo lwesimanga esivelayo. Lapho abantu ecabanga ukuthi Wafa, lokho kwakuxazulula, iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula; futhi nangu Ukhona namhlanje, emva kweminyaka

engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, usalokhu ephakathi kwethu, kakhulu impela nje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, enguye ngempela nje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, enza izinto ezifanayo Azenza ngaleyonkathi. Kungokuyisimanga esivelayo esikhulu kakhulu. Abantu bangesiqonde. Sihamba sikwedlule ngaphambili le ukuzindla kwabo. Impela, ubani ongazindla uNkulunkulu na? Akekho ongazindla uNkulunkulu.

27 Akekho ongahumusha uNkulunkulu. UNkulunkulu ungumhumushi waKhe Yena. UNkulunkulu ukhuluma iZwi; futhi bathi, "Awu, unokuhumusha okungesikho." UNkulunkulu ukwenza kufezeke, lokho ngukuhumusha. Akadingi-muntu ukuba aMhumushe. Ngisanda kukhuluma nje ngalokho, idolobha ngezansi kwalapha. UNkulunkulu wathi, "Makube-khona ukukhanya," futhi kwaba-khona ukukhanya. Akudingi kuhunyushwa; kwaba-khona ukukhanya. UNkulunkulu wathi, "Intombi iyakukhulelwa," yakwenza. Lokho kuyakuxazulula. Ngakho uma Ekhuluma noma yini, futhi ngakho–ke U—Ungumhumushi waKhe Yena. Akakudingi ukuhumusha kwethu kwakho. IBhayibheli lasho ukuthi, "UmBhalo awuchasiswa ngumuntu ngokwakhe." NguNkulunkulu uqobo lwaKhe enza ukuhunyushwa kwaLo. Qaphelani, abaningi abakubonanga ngoba babengayihlolanga imiBhalo. Babengakulalelanga Akusho.

28 Abaningi, namhlanje, akakawulaleli uMlayezo, akakawulaleli umBhalo nokuthi yini uKristu ayethembisa ngalezizinsuku zokugcina. Yingalesosizathu ukuthi abantu basesimweni abakuso namhlanje, namabandla onke anamatheliswe ngenhlaka phakathi kwelinye nelinye. Abaqaphelanga ukuthi umBhalo wathini ngalolusuku. Abaziqaphelanga ukuthi lezizinto zazifanele zenziwe. Kungukugcwaliswa nje komBhalo. Abantu abaningi bayaMthanda. Abantu abaningi bakholwa kuYe. Kepha nokho kuyisimanga esivelayo kakhulu, bangeSiqonde, uma ukhuluma ngaYe, engofanayo nje njengoba Wayenjalo izolo, enza izinto ezifanayo. Bazisho ukuthi bayakukholwa lokho, kodwa, uma kwenzeka, khona–ke abakuqondi. Bona, bangekukholwe nje.

29 Qaphelani, babekhuluma ngaYe ngenkathi Ebonakala. Manje, leyo yinto enhle. Siyaqaphela lapha emBhalweni, Kwathi, "Futhi besakhuluma ngaYe, besakhuluma ngalezizinto, behambisana, bekhuluma ngaYe, bedabukile," ngenkathi bethola ukuthi Wabonakala. Futhi ngenkathi Ebonakala, Wabonakala kubo besahambisana, bebuzana ngaYe. Kungaleyonkathi lapho Ebonakala khona njalo, kungenkathi sikhuluma ngaYe. Njalo, ngomBhalo, kungenkathi abantu bekhuluma ngoNkulunkulu, Wabonakala ngaleyonkathi–ke.

30 Manje sibhizi kakhulu sikhuluma ngezinye izinto. Ngicabanga ukuthi yingalesosizathu abantu abaningi, abaMthandayo, behluleka khona ukuMbona. Sibhizi kakhulu

ngezivumokholo zethu namahlelo, nebhizinisi ngamabandla, nobulunga obuningi, futhi sithola amanye futhi amalunga nezinto, sibhizi kakhulu ukuba sikhulume ngaYe. UyiZwi. Sikhathalele kakhulu lokho oku. . . esinye isivumokholo, enye incwadi efundwayo, noma okushiwo ngenye into. "Mangaki amalunga esingawafaka, siwavotele angene na? Singamthatha *lo*, *lowo*, omunye na?" Sifanele njalonjalo sizinikele eZwini likaNkulunkulu nomkhuleko, sifundisisa iZwi. Kodwa sikhathalele kakhulu enye into ethize.

31 Lababantu babedabukile. Babekhuluma; into enkulu yayenzekile; Wayekade ethathiwe. Kodwa babekhuluma ngaYe, futhi Wabonakala lapho. Futhi ngenkathi Ebonakala, Wayeyisihambi kubo. Abakuqondanga. Kuqala, U re-. . . kuqala, sithola ukuthi Wayehamba-. . .

32 Lapho behamba endleleni behlela emzini omncane, iEmawuse, imayela elimbalwa nje noma amabili ezansi lapho, uhambo losuku lweSabatha, noma okuthize; okokuqala, Wembula umBhalo othenjisiweyo ngaYe uqobo, kubo, wangalolosuku. Manje qaphelani nxa uJesu efika enkundleni, uma sifuna ukuMbona futhi sikhulume naYe emva kokuvuka kwaKhe, njengoba benza, njengoba baMbona, into yokuqala Ayenza kubo kwaba ngukuzembula Yena uqobo kubo, ngomBhalo. Amen. Lokho ngukukwenza ini na? BabengamaHeberu. Babelikholwa iZwi. Futhi ba. . . Yena, Wazembula Yena uqobo, wembula iZwi elilotshwe ngaYe uqobo, Ayefanele ukukwenza kwalowonyaka. Amen. Ngamunye. . .

33 UNkulunkulu, kuGenesisi, kwase kuthi–ke ngaphambi kokusekelwa kwezwe, Walabela, futhi Walikhuluma futhi wakusho okwakuyokwenzeka, phansi kusukela ekuqaleni—kuqaleni kuya ekupheleni.

34 Njalo amabandla lithola lokho konke kwenziwe amathizethize, futhi ayaphuma, nomuntu uze azijovele lokho abakukholwayo ngaLo. Na*lona* uthi, "Awu, ngikholwa okwehluke kancane kulokho," futhi umenza into ethize. Nalona uzofanele enze into ethize. Ngamunye unombhoshongo, idolobha, noma into ethize abazofanele bayakhe, njalo bezama ukwenezela into ethize, noma benze into ethize futhi besho ukuthi, "Senza *lokhu*." O, yileyondlela othola ngayo ukudideka.

35 Makungabonakali nina. Makwenziwe nguNkulunkulu. Niyabo? *Nanti* iZwi laKhe, Athi Uyokwenza. Unyaka ngamunye, Uthumela umprofethi phezu kwalapho, enabagcotshiweyo. IZwi leNkosi liza kumprofethi, njalo, ukuLiqinisekisa onyakeni.

36 UJohane umBhaphathizi wafika enkundleni, wayengumprofethi walesosikhathi. WayengukuKhanya konyaka, ngoba umprofethi, uMalaki, wayekhulumile ngaye efika, "Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi." UIsaya, iminyaka eyikhulu neshumi nambili phambi

kwalokho, wathi, “Izwi loyedwa liyomemeza ehlane, bhekani ngi . . . ” ayezokwenza ngezinsuku zokugcina, “enze uqonde umendo ehlane,” nazo zonke lezizinto kwaprofethwa ngaye. Ngenkathi efika enkundleni, wayengumprofethi ukubonakalisa lesosithembiso.

37 UJesu uyiZwi, neZwi njalo liza kumprofethi. Futhi khumbulani, ngenkathi lomprofethi eprofetha, “enza umendo uqonde,” kwase kuthi–ke ngenkathi iZwi lisemhlabeni, iZwi lahamba laphumela ngqo emanzini lase liza kumprofethi. Amen! Kuphelele kanjani nje! IZwi liza kumprofethi. Futhi WayeyiZwi. Ngokuba, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu. No—noLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu, futhi saMbheka.” Akumangalisi Athi, “Kusifanele ukuba sigcwalise ukulunga konke.” IZwi leza kumprofethi, emanzini, ukugcwalisa ukulunga konke.

38 Futhi siyathola–ke ukuthi Wazembula Yena uqobo kuKleyophase nomngani wakhe lapha. Akwaziwa, ngegama, omunye umhlanganyeli. Kodwa kwakunguKleyophase, siyazi, futhi Wazembula Yena uqobo kubo, ngomBhalo. Qaphelani ukuthi Wa—Washo kanjani.

39 Qaphelani, bona, baMbiza ngo “mProfethi.” “Anizazi lezizinto na? UJesu waseNazaretha, umProfethi uNkulunkulu Azibonakalisa kuye.” Niyabo? Okungukuthi, phambi kwabantu bonke, kanjalonjalo, Wayebizwa ngomProfethi. Manje–ke uma babemqondile Lo ababekhuluma ngaye, ngokuba ngumProfethi, kwakubukeka sengathi babefanele babone khona lapha lowomProfethi ofanayo ecosha iZwi futhi wayeseqala ukuLembula.

40 Okungukuthi, WayeyiZwi, futhi wayezembula Yena uqobo, ngomlomo, iZwi elalilotshwe ngaYe. Futhi Uyaqala, futhi Waqalela kuMose, futhi wachaza kubo konke abaprofethi ababekushilo ngaYe. O, he! Ukuthi Wakwazisa kanjani okwalowonyaka! “Nina eningaqondiyo, enilibele enhliziyweni. Bazi ukuthi uMose nabobonke abaprofethi basho ukuthi uKristu nga ehlupheka futhi angene eNkazimulweni yaKhe.” Niyabo, nokwalowonyaka, yilokho okwakufanele kwenzeke. “Anazi yini ukuthi Ufanele enze lokho na?” Niyabo, embula iZwi elilotshwe ngaYe.

41 Yileyondlela uKristu njalo akwenza ngayo. UNkulunkulu akaluguquli neze uhlelo lwaKhe. Indlela Akwenza ngayo esikhathini sokuqala, yileyondlela Akwenza ngayo ngasosonke isikhathi. Wenza isinqumo, eNsimini yase Edeni, lapho umuntu wayelahlekile, ukuba amsindise ngeGazi elichithekileyo. Yileyondawo kuphela Ayoke aze ahlangane khona nomuntu. Yileyondawo kuphela Ake aze ahlangana khona nomuntu, kusukela lapho. Kuphansi kweGazi elichithekileyo.

42 Sizame ukubafundisa imfundo. Sakhe imibhoshongo. Sakhe amadolobha. Sakhe yonke enye into, sizama ukuhlanganisa abantu ndawonye. Sizame ukuthatha imfundo futhi sabahambisa ndawonye. Sizama ukuthatha amandla amabutho futhi siwahambise ndawonye. Sizame amahlelo, ukuwahambisa ndawonye. Konke kwehlulekile.

43 UNkulunkulu unendawo eyodwa, leyo ingaphansi kweGazi. Yileyondlela kuphela. Phansi kweGazi, Uyohlangana nomuntu. Futhi bangabafowethu abazelwe ngeGazi.

44 Ngiyethemba ukuthi anginiqhumisi khona lapho, ngalokhu, kodwa kuzwakala sengathi kukhona ukuwawaza komsindo. Uma ku. . . Ningizwa kahle na? Uma ningizwa, phakamisani izandla zenu. Kulungile. Manje, ngakho nje ukuze ngazi ukuthi niyakuthola Lokhu; nifanele.

45 Qaphelani manje, ngenkathi Esho, noma kunjalo behluleka ukuMazi ngeZwi elilotshiwe. Cabangani ngalokho! Ngenkathi Efika futhi wazembula Yena uqobo ngeZwi, kubo, futhi noma kunjalo behluleka ukukubona.

46 Uma leso kungesiso isithombe sanamuhla, angazi ukuthi kuyini. Basehluleka, nxa umBhalo usho lezizinto. "Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina," usho uNkulunkulu "Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha. Phezu kwezincekukazi zami nezisebenzi zesifazane Ngiyakuthulula uMoya waMi, ngalolosuku. Ngiyakubonisa izimanga emazulwini phezulu nomlilo nentuthu, kanjalonjalo." Noma kunjalo abakuboni.

47 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu; bayobe bedla, bephuza, begana, beganiselana. Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Zonke lezizinto abakhulume ngazo, neZwi lashunyayelwa emsamo, futhi noma kunjalo abaningi abaMthandayo abakuboni. Basalokhu bedukuza ebumnyameni. Noma kunjalo bayehluleka ukuMazi, ngeZwi elilotshiwe.

48 Bathatha amakholiji, futhi bachezuke futhi baLiguqukezele, nakho konke, futhi bakubuyise, futhi abazi ukuthi yini ezweni a—abazoyikholwa. Omunye uthi Linga*le*ndlela, nomunye uthi Linga*leyo*ndlela. Ngakho nje iZwi elilotshiwe uJesu akazange abatshele ukuba baye ezweni lonke futhi ba "fundise." Wathi, "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli." Omninginingi umehluko, bazama ukufundisa into ethize, futhi beshumayela into ethize. *Ukushumayela* kungu "kwenza kubonakaliswe." Bekufanele kukwenze, kubonakalise amandla kaMoya oNgcwele. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kuthatha uMoya oNgcwele ukubonakalisa leloZwi. Uma kuliQiniso, iZwi, uNkulunkulu uyokubonakalisa. Uma kungesilo iQiniso, uNkulunkulu akazukuzihlanganisa

ngalutho nakho, ngoba uNkulunkulu akayikuzithandela Yena uqobo ngamanga, niyakwazi lokho, ngoba unguNkulunkulu manje, uyafana manje.

49 Babezisho ukuthi babekholiwe, futhi babengabafundi baKhe, babeMthanda, bakukholwa, futhi Wayemi nabo ngqo, ehumusha iZwi, ukuthi WayenguBani, futhi noma kunjalo abakwazanga. Cabangani nje ngalokho! Babengakwazi, futhi Yena emi lapho qobo lwaKhe, kulotshiwe emBhalweni, futhi ubuyela emuva futhi acoshe umBhalo, wawukade ulotshiwe amakhulu eminyaka, mayelana naYe futhi esho ukuthi ufanele Enze kanjani nazozonke lezizinto kanjalo, futhi bahambehambe bese bethi, "Awusho njalo? Awu, wazini!" Futhi Yena, Yena kunguye okhulumayo, futhi noma kunjalo abakuqondanga.

50 Isithombe esinje pho salolusuku! Kuyafana manje, bazisho ukuthi bayakholwa ukuthi Wayevukile kwabafileyo, kodwa, uma Ebonakala ukuba azibonise Yena uqobo, basalokhu bengakukholwa. Niyabo? Nokho, bazisho ukuthi bayaLikholwa. "O, yebo, siyakholwa ukuthi Wavuka ngosuku lwesithathu." Akenze into ethize ukukhombisa ukuthi Wavuka ngosuku lwesithathu; "O, angikholelwa kulokho." Niyabo? Nakho lapho okhona, into efanayo.

51 Qaphelani, Wathi, "Eningaqondiyo, nenilibeleyo enhliziyweni ukuba niqonde isithembiso somBhalo walonyaka."

52 Abangaqondiyo bathi, "O, Usehambile. BaMbethela, futhi saqonda ukuthi Wavuka futhi, kodwa, o, he, leyo nje yindaba eyimfihlakalo eyashiwo ngumuntu-mumbe. Sasingazi lutho ngayo. O, ngiyanitshela, yinto elusizi kakhulu impela!"

53 Wathi, "Nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukuqonda lokho umBhalo okushilo kwalonyaka." Amen.

54 Nakho lapho okhona. Ngifisa sengathi bengingakuqhumisa lokho eMkhandlwini wenkolo Yobukristu. Yebo, mnumzane. Enilibele enhliziyweni, nazi ukuthi umBhalo uyazisho lezizinto; basalokhu bengakuqondi. Nakho lapho okhona.

55 Wathi, "Nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukuqonda umBhalo oprofethelwe lolosuku, futhi khona impela nje ukuthi kuyokwenzeka kanjani, futhi nakhu kwenzekile. UKristu wangena eNkazimulweni yaKhe, ngokuhlupheka kuqala, efile; futhi wafa, wavuka futhi usuku lwesithathu. Aka . . . Yileyondlela umBhalo wathi wayezokwenza, avuke ngosuku lwesithathu'" Wathi, "Lolu wusuku lwesithathu selokhu kwenzekile."

56 Wathi, "Awu, yilokho eNgizama ukunitshela khona!" Futhi babesalokhu bengakuqondi. Wayesethi–ke, "Ningabangaqondiyo, nabalibele enhliziyweni ukuqonda konke lokho abaprofethi akushilo, nomBhalo ushiwo mayelana nalolusuku Futhi lapha kwenzeka phambi kwenu ngqo, futhi anikwazi."

57 Bathi, "Awu, wazini wena!" Niyabo, amehlo abo ayephuphuthekile.

Wena uthi, "Bekunga phuphutheka kulolusuku na?" Yebo, mnumzane.

58 Kuphuphuthekile kulolusuku njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi. Kunjalo. Alishongo yini iBhayibheli, "Bayoba ngabanamawala, abakhukhumeleyo, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; abangenabumnene, abahlabeyo, abangenabumnene, nabangathandi okuhle; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha beyophika aMandla, aMandla okuvuka nokubonakaliswa kweNdodana kaNkulunkulu"? IBhayibheli lathi kuyokwenzeka, ngakho kuzokwenzeka. Njengoba asho nje, uIsaya wakhuluma wayesethi, "Ninamehlo kepha aniboni, nezindlebe kepha anizwa." UNkulunkulu ofanayo washo umBhalo ofanayo.

59 Siyaqaphela, ke, uPawulu, isambulo esikhulu ayenaso sikaJesu Kristu, ukuthi WayenguBani, kwakukukhulu kakhulu ukwazi. Awu, uNkulunkulu wakufaka eBhayibhelini, kwakukukhulu kangakoke. Yingalesosizathu anikwa iva enyameni, ukumgcina ephansi ukuze angatholi ukuba mkhulu futhi aphakanyiswe. UNkulunkulu wamgcina ephansi, futhi emncane, ukuze Amsebenzise ezingxenyeni ezehlukene zezwe, aMenzele Ayekufuna ukukwenza, ngoba wayenesambulo sikaJesu Kristu, ukuthi WayenguBani.

60 Manje–ke qaphelani, nansi into yokuba yenziwe. Into elandelayo esiyitholayo, baMmema ukuba angene. Wafika endaweni encane, indlu yezihambi encane lapho ababezohlala khona. Kwase kuzokuhlwa, futhi bathi, "O, woza uhlale nathi." Washaya sengathi Wayeqhubeka edlula.

61 O, ngangikucabanga lokho izikhathi eziningi. Ufuna wena kuphela uMmeme. Washaya sengathi Wayezobedlula aqhubeke. Angahle ashaye sengathi Uzokwedlula, dade, osesihlalweni esinamasondo; noma wena, mnumzane, osohlakeni lombhede; noma wena, khona lapho onenkathazo yenhliziyo, ongeke waphila kodwa nje isikhashana esidana. Lababantu mhlampe bakhubazekile, bangahle baphile isikhathi sempilo esijwayelekile; kodwa umuntu othize khona lapho onenkathazo yenhliziyo, angahle afe ngaphambi kwasekuseni, angahle afe phambi kwakusasa. Angahle ashaye sengathi Uzokwedlula, kodwa Ufuna kuphela ukuba wena uMmeme angene. Niyabo?

62 Ningahle nicabange, "Awu, Waphilisa u*s'bani-bani*, ngoluny'usuku. Yena, ngenyanga edlule, ngiyazi, eminyakeni emibili edlule, ngibone. . ." Ya, Angahle ashaye sengathi Uzokwedlula kuwe, kodwa Ufuna kuphela wena ukuba— ukuba uMmeme. Ushaya sengathi Uzokwedlula. Ayeyikho ngaleyonkathi, Uyikho namhlanje. Akwenza ngaleyonkathi,

Uyakwenza namhlanje. Washo njalo. Qaphelani, nifanele nenze into efanayo, nifanele niMmeme angene. Kwakunjalo ngaleyonkathi, futhi ngaleyonkathi kuphela, ukuthi Wakwazi ukuzembula Yena uqobo.

63 Wayengenakukwenza ngokubashumayeza iZwi. Kweqa ekhanda labo. Yena ehamba phezu kwalapho, ethi, "Awu, nanifanele nazi lapho, nina bangaqondiyo, enilibele enhliziyweni. IBhayibheli lasho lezizinto, ukuthi uKristu ufanele enze lezizinto, kanjalonjalo." Behambisana lapho, awu, kubukeka sengathi babefanele bakubone ukuthi lowo Wayengubani. Akazange aphume ngqo futhi abatshele, "NginguYe." Uthola umfo owenza lokho, khona–ke wawazi ukuthi akukho lutho kuYe, kwasekuqaleni. Kodwa nje Udedela uMoya oNgcwele ukwembule. Wasitshela.

64 Watshela umFarisi, wathi, "Hlolani imiBhalo, kuYo enithi ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi. Iyanitshela ukuthi NginguBani." Bafanele bakwazi. Ngakho bebefanele bazi, namhlanje, akusiso isigejane esikhulu sokubanga umsindo, noma ukuqophisana, noma ukuqhubeka, noma inqwaba yomsindo. NguJesu Kristu ebonakaliswa phakathi kwabantu baKhe. Kunjalo. UmBhalo usho njalo. Qaphelani, manje, nalokho kukwenza kube iqiniso uma uNkulunkulu esho njalo.

65 Siyathola manje, indlela kuphela Angembula ngayo ngukuba eze angene kuwe. Uyakwenza, Angakwenza, UyiZwi. NeZwi, phakathi kuwe, khona–ke uMoya oNgcwele wembula uKristu, ngeZwi, emva kokuba Engena kuwe. Ukuwe. Kufanele uthathe iZwi laKhe.

Uthi, "Awu, ibandla lami alikukholwa Lokho."

66 Kulungile, awusoze wangena. Uyabo? Uma wala iZwi, wala Yena.

"Awu, ibandla lami likholelwa ekukwenzeni ngaLendlela."

67 Kodwa iBhayibheli lithi kwenze nga*le*ndlela. Yi*le* indlela. Kuthathe njengoba kulotshiwe Lapho. Hhayi ukuthi okunezelwe ngomuny'umuntu kuLo, kodwa lokho uNkulunkulu akushilo ngakho. Bese kuthi–ke Angakwembula kuwe, kodwa Ufanele angene kuwe, kuqala. Bese–ke, futhi kuphela, Angakwembula.

68 Ungami futhi uLibheke bese uzama uLifanisa, njengoba kwasho umFarisi. Bama futhi baMbheka lapho, bathi, "Lomuntu unguBelzabule." Babengena kukufanisa. Babefanele bakwethe igama. Bathi, "Lomuntu wenza lokhu ngomoya wedemoni. Yena, unguBelzabule, umbhuli. Ngani, ningazihlanganisi nalutho naloMfo. Wazalelwa esonweni. Akanawo amakhadi ethu enhlanganyelo. Akasuye owakithi. Futhi, o, he, ba... Asazi ngisho lapho Aya khona esikoleni. Akanamfundo. Ngani, awu, loMuntu wavelaphi na? Manje Uthi, 'INdodana yomuntu ezokwenyukela phezulu, yehlele phansi'? Wazalelwa khona lapha. Uyahlanya. 'Uma ningadli inyama yeNdodana

yomuntu, niphuze iGazi laYo'? Uyizimuzimu." Futhi Wenza lokho ukubenza nje basho lezozinto. Babefanele bakwenze.

69 Futhi unjalo noMoya oNgcwele, namhlanje, uveza iZwi laKhe, ekubonakalisweni, ukuze abantu bakugxeke, ukuze uNkulunkulu abeke ukwahlulela kwaKhe phezu komhlaba, njengoba Ethembisa ukuthi Uyokwenza. Waqinisa inhliziyo kaFaro. Haleluya! Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Akaguquki. UnguNkulunkulu. Izinqubo zaKhe zokwenza izinto, kuMkhombisa yena uqobo enamandla ngeZwi laKhe, ukuLibonakalisa. Akadingi ukunitshela konke ngakho. Awudingi ukukufanisa. Ungeke wamfanisa uNkulunkulu. Ufanele uLemukele. Mmeme nje angene futhi ubone ukuthi kwenzekani.

70 Manje, siyaqaphela futhi ukuthi Wazenza kanjani Yena uqobo ukuba aziwe kubo, emva kokuba Esengenile. Wakwenza kanjani na? Wavula amehlo abo ukuthi Wayengubani. Ngenkathi Engena kubo, khona–ke Wavula amehlo abo, ukuba babone.

71 Manje uma iZwi lingena kuwe, uma wemukela iZwi likaNkulunkulu futhi Lingene kuwe, khona–ke isithembiso (saleso sithembiso osemukele) sizibonakalisa sona, bese kuthi–ke uyazi ukuthi Ungubani.

72 Ngalokho Akwenza, Wazazisa kanjani Yena uqobo kubona? Ngoba Wenza izinto ezifanayo Azenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Khona–ke bazi ukuthi lowo kwakunguYe, ngoba Wayevukile kwabafileyo. Konke ukushumayela, konke ukushumayela, konke ukufundisa, nayo yonke enye into Ayeyenzile, yayehlulekile. Kodwa ngenkathi Ezembula Yena uqobo, enza into efanayo Ayenza phambi kokubethelwa kwaKhe, bazi ukuthi kwakunguYe. Wavula amehlo abo.

73 Mfowethu, dadewethu, Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Akaguquki. Njengoba Enza nje kowesifazane emthonjeni, niyabo, Akaluguquli neze uhlelo lwaKhe.

74 Manje, lona wesifazane omncane emthonjeni, wasazi isithembiso somBhalo salolosuku. Qaphelani ngenkathi Efika kowesifazane omncane emthonjeni. Wathi, eSikari, Wathi, "Sifazane, ngiphuzise."

75 Wathi, "Ngani, akusilo isiko kini maJuda ukuba nicele thina maSamariya okunjengalokho."

76 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi."

77 Awu, khona–ke wacabanga, "Ubuqhalaqhala, ngakho ngizothi nje ukuMbuza kancanyana." Washo, waqhubeka ukuMbuza.

Ngokuqondile Wathi, "Hamba ulande indoda yakho futhi uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

78 Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje akusiyo indoda yakho."

79 Bhekisisani! Ngokushesha, kwenzani na? Kwangena. Ngokushesha, wazi okuthize. Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena." Amen. Niyabo, kwakukhona imbewu ilele lapho, ukuza ekuPhileni. Kwakukhona iswishi lapho eyayikhanyisa iLambu. Kulabo baFarisi, kwakungubumnyama, kwasekuqaleni; kungekho swishi, kungekho mabhetri, kungekho lutho olunye. Kodwa loMuntu; lona wesifazane, isifebe esincane, wathi, "Nkosi!"

80 Ngani? Wayebheke ukubonakaliswa kweZwi. Iminyaka engamakhulu amane kusukela kuMalaki, babekade bengenabaprofethi, futhi nakhu kwakukhona uMuntu owabonakalisa ukuthi ungumprofethi. Ngokushesha wazi ukuthi lokho kwakuyinto ethize. Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena." Wathi, "Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, uzoba yilokho akwenzayo."

81 Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe." Manje Angazembula Yena uqobo. Usevele uMemukele. Usengaphakathi manje, niyabo, Angazazisa Yena uqobo. Wazazisa kanjaloke yena uqobo ezweni, owesifazane. Ngani? Wakholwa iZwi elithenjisiwe, futhi ngenkathi ebone iZwi elithenjisiwe libonakaliswa.

82 Manje siyazi, kuDuteronomi isahluko 18, ivesi 15, uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu Wenu iyakuvusa umProfethi onjengami." Futhi wazi ukuthi lowoMesiya wayezoba ngumprofethi. Nomprofethi wokugcina wayesekhawukile, eminingi, iminyaka eminingi ngaphambi kwalokho. Kwakukade kungekho baprofethi. Futhi nakhu kwakumi oYedwa. Kwakuyini na? Kwakuyinto elandelayo emgqeni. Lelo kwakuyiZwi. Wenzani na? Wakwembula kuye, ngokumtshela, embula ukuthi Wayeyilowomprofethi, ngokumembula ukuthi wayenzeni. O, he!

83 Lokho kwakuxazulula. Washiya leyombiza yamanzi, wayesegijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye lona uMesiya impela na?" Ummise? Ngani, wawungeke ukwenze; kwakufana nokuzama ukucisha umlilo ngosuku olunomoya, nendlu eyomile isha. Yebo, mnumzane, yayisha futhi ivutha amalangabi. UNkulunkulu wayeshaye into ethize ekhaya. Ubone into ethize. Wazi ukuthi kwakuyiQiniso. IZwi lalibonakalisiwe phambi kwakhe. Impela nje njengoba lalinjalo kubafundi kamuva, niyabo, ngenkathi Ezama ukubakhombisa iZwi, waseke ebonakalisa iZwi. Futhi lapha walazi iZwi, futhi, ngenkathi eLibone libonakaliswa, lokho kwakwenza.

84 Ngoluny'usuku, indoda ethiwa uAndreya yayikade ibhekisisa uJohane, imlalele ekhuluma ngoMesiya ozayo. UPetru wayengumfowabo; wayengena sasasa. Babe nobaba

omdala owayemesaba uNkulunkulu owayebafundisile, “Manje, ndodana, sethembe uNkulunkulu ngakho konke esikudingayo. Izinsuku ngenkathi izikweletu zethu zingakwazi ukukhokhwa, sakhuleka, ‘Nkulunkulu, siphe ukuba sibambe izinhlanzi namhlanje.’ Sasiphuma, futhi uNkulunkulu wayesipha lokho kubamba izinhlanzi. Futhi ngenkathi sithola lokho kubamba inhlanzi, sasenzenjani na? Sasingena bese sinika uNkulunkulu udumo ngakho, bese sithengisa izinhlanzi zethu. Simethembile uNkulunkulu. Sengiyindoda endala manje. Mhlawumpe angiyikumbona uMesiya ozayo. Kodwa, bhekisisani. Ngaphambi kokuba Afike, kuyoba nenqwaba yokubonakalisa kwamanga.”

85 NeBhayibheli lathi kwakukhona. “OKristu bamanga bavuka.” Lelo yiqiniso. Kwakwenzani na? Kuzama ukucisha ilambu lalowo Owangempela owayeza. Niyabo? Sibe nezinkoloze eziningi, izizwe zasigodi sinye, nakho konke okunye kuvuka, futhi kuniwezela eCanada futhi kuninamathisele emphemeni ndawondawo, phezulu kwenye indawo, bese kuchezukisa isigejane siye *ngapha* na*ngapho*, impela nje kuziphinda futhi. Kuzama ukwenzani na? Kuzama ukwenzani na? Kuzama ukuvalela iLambu leQiniso ngaphandle. Manje siyaqaphela.

86 Kwase kuthi–ke ngoluny’usuku, uPetru waphumela ezingwini, ukuba azodoba, futhi ageze amanetha akhe. NoJesu wehla. Nento yokuqala esiyaziyo, leyo, wathi nje Angakhuphukela ebusweni lapho uPetru ayekhona . . .

87 Wayeyalisisiwe, ukuthi lowoMesiya uyokwenzani. Uyise omdala wathi kuye, wathi, “Manje, Simoni, umBhalo uyasho. Uyi, uyakhumbula uyiJuda. INkosi isitshelile, ‘Uma ekhona phakathi kwethu, ongowomoya noma umprofethi, mina iNkosi ngiyakukhuluma kuye.’ Futhi uma Yona, Ekushoyo kuyiQiniso, iQiniso elibonakalisiwe, futhi Ekusho njalonjalo kufezeke, khona–ke uyazi Inesambulo sobuNkulunkulu somBhalo. Manje uyomazi uMesiya nxa uMbona.”

88 Ngakho wenyukela ngqo ebusweni bukaJesu, ngoluny’usuku. Wacabanga, “Ngizohamba ngiyobona ukuthi uAndreya ubekhuluma ngani.”

89 Futhi nje wathi angafika kuYe; wathi, “Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.” Lokho kwakuxazulula. Lokho kwakuxazulula, ngokuba wafundiswa phakathi lapho ukuthi uyoba ngumprofethi. Wayekwazi.

90 Kwakukhona esinye isifundiswa esikhulu esincane esasikade sifundisa; ngenkathi uFilipu emi lapho ebhekisisa lezozinto ziqhubeka. Wajikela ngale kwentaba, ngokukhulu ukushesha, wayesethola enye indoda, egama linguNatanayeli, owayekade eyisitshudeni seBhayibheli, umfundisisi. Babekade befundisise imiBhalo ngoba babazi ukuthi isikhathi sasesiseduze. BabeMbheke ukuba afike.

91 Uza kulabo–ke, kulabo abaMbhekile. Futhi siyathola, namhlanje, Akezi kulabo ongaMbhekile. Ayikho into okuthiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu ku—kulabo abangakholelwa kukho. Ayikho into okuthiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele kulabo abangakholelwa kuWo. Ungowalabo nje abawukholwayo. Kunjalo. Yilokho kuphela. Ngakho manje–ke siyathola, labo abalangazelela ukwazi iQiniso, uNkulunkulu ubophezekile ukwembula iQiniso. Usho iZwi laKhe, bese ke efika futhi aLigcwalise, anikeze ukuhumusha kwaKhe Yena.

92 Manje siyathola, kwathi nje lowo wesifazane omncane, wathi . . . Wayengaqondi ukuthi loMuntu kukanjani ayemhlakaniphela, wathi, mayelana nokumphuzisa, futhi wathi, noma eMlethela amanzi, futhi ezama ukuhlakanipha. Futhi into yokuqala niyazi, ngani, wathola ukukhuluma kuYe, futhi, uthola ukuthi, wathi, "Siyazi uMesiya uyeza, futhi, nxa Efika, Uyakusitshela lezizinto."

93 Wathi, "NginguYe, okhuluma kuwe." Khona–ke amehlo akhe ayavuleka. Amehlo akhe lavuleka. Mayelana nani na? Isithembiso somBhalo. Amehlo akhe avulwa yisithembiso somBhalo.

94 UPetru wazi ukuthi uyise wamtshela ukuthi lowoMesiya uyoba ngumprofethi. Futhi lapha uJohane wayetshelile, noma uAndreya wayemtshelile ngomprofethi, uJohane, wayesenzansi lapho eprofetha, kanjalokanjalo, esho into ethize eyayizokwenzeka. Ngakho ngoluny'usuku wehla, emva kokufika kukaJesu. Ngenkathi efika eBukhoneni baKhe, Wathi, "Wena unguSimoni. Uyindodana kaJonase." Kwakuyini na? Amehlo akhe lavuleka. Wakwazi.

95 UFilipu no—noNatanayeli babekade befundisisisa umBhalo ngaYe eza. Uyafika, wathi, "Woza, ubone engimfumene, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

"O," wathi, "akukho okuhle okungavela eNazaretha."

Wathi, "Wena woza ubone."

96 Futhi basuka bajikela ngale kwentaba. Akungabazeki ukuthi babebuyekeza izinto eziningi uJesu ayekade ezenza, Ayekusho kuSimoni, Ayekwenzile, lezizinto Ayezenzile.

97 Kwathi nje uFilipu angenyukela eBukhoneni baKhe, noNatanayeli, uJesu wabheka ngale kuNatanayeli, wayesethi, "Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye."

Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?"

98 Wathi, "Ungakabizwa nguFilipu, uphansi komuthi, Ngakubona." Amehlo akhe ayavuleka.

99 Wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi kaIsrayeli." Kwakuyini na? Ubone iZwi elithenjisiwe lalolusuku lembulwa.

100 Lalela, mfowethu, dadewethu, iZwi elithenjisiwe belingethenjiswa kuwe, futhi ungabona ukuthi yihora lalokho; kodwa uma uNkulunkulu elembula, akuhumushe, khona–ke kuyisono ukuLenqaba. Ungalokothi ukwenze lokho. UNkulunkulu wavula amehlo akhe, ngokumkhombisa iZwi elibonakalisiwe Ayethembisile ukuthi liyokwenzeka. Manje, njalo lenza lokho ngendlela efanayo Akwenza ngayo, Akayiguquli neze inqubo yaKhe ekukwenzeni. Qhabo. Ngakho, khumbulani, njalo kuyafana. Wethembisa imiBhalo yonyaka ngonyaka, futhi, uma Ebonakalisa lesosithembiso somBhalo salowonyaka, abantu abathola amehlo abo evuleka ukusibona bayilowo osemukelayo.

101 "Manje, Mfowethu Branham," wena uthi, "isikhathi siyahamba, manje uzothini manje."

102 Yini isithembiso sangokomBhalo salonyaka, ukuze sazi ukuthi sikhuluma ngani na? Sizokwenzani lapha kulobubusuku na? Kusisiza ngani na? Ngabe siphila eduze kwento ethize na? Sikukholwa ngempela na? Sifakaze ngeze na? Ngabe sithi siyakholwa ukuthi UyeZa na? Siyakukholwa yini uBukhona baKhe okubonakalayo na? Siyakholwa yini ukuthi buyeza okwesiBili na? Noma, ngabe sizenza thina nje uqobo sibe ngabangaqondanga, noma sikholwa ngeqiniso na?

103 Asihlole imiBhalo ke futhi sibone ukuthi yini ethenjiselwe lolusuku, manje–ke sithi, njengowesifazane emthonjeni, uFilipu nabo bonke abanye, "Singabona."

104 Khumbulani, amaHeberu 13:8 athi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wakwethembisa lokho. Lowo ngumBhalo.

105 UJohane oNgcwele 14:12 wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Ngendlalela into ethize.

106 Manje kuJoweli 2:28, no 2:28 nelama 30, futhi kwehle njalo, Wethembisa. Wathi, "Okushiywe yisibotho, inkasa iyakudla; nokushiywe yinkasa, *ukuthi–nokuthi* kuyakudla." Ngasinye salezo zilwanyakazana yisilwanyakazana esifanayo; sishintsha imvelo yaso. Isibotho yinkasa, kanjalonjalo. Sisezigabeni ezihlukene sohambo lwaso, futhi nje sidla sidle sidle, futhi sidla lesosihlahla sikaNkulunkulu sehle njalo ngqo siye esiqwini. Manje–ke lesosihlahla siyoke siphile futhi na? Kodwa, kwak ubukeka kuludaba olungenathemba, kodwa uNkulunkulu wathi, "Ngiyakubuyisela," isho iNkosi, "yonke iminyaka edliwa yizinkasa, izibotho. Ezidla kuso, Ngiyakubuyisela emandleni akho futhi."

107 Okushiywe ngamaLuthela, kudliwe ngamaMethodisti; okushiywe amaMethodisti, kudliwe amaPentecostal okushiywe iPentecostal, kudliwe *ukuthi–nokuthi*; nje kwehle njalo, kwehle njalo, kwehle njalo; okukodwa na*lokhu*, nokukodwa na*lokhu*, nokukodwa na*lokhu*, nokukodwa na*lokhu*, nakukodwa na*lokhu*,

kwaze kwayofiphalela nje esigejaneni sezimfundiso ezigqamile. Siyazi ukuthi lelo yiqiniso. Ngimi phakathi kwenu, futhi ngiyanithanda.

108 Kodwa, khumbulani, kuMalaki 4, hhayi uMalaki 3 manje, uMalaki 4, uNkulunkulu wathembisa ukuthumela ugcobo futhi noku "buyisela ukuKholwa kwabantwana kubuyele koyise futhi." Futhi kuyilokho impela uNkulunkulu akwethembisa, kuJoweli. Kuyokwenziwa kanjani na? Siyathola ukuthi uJesu wathi, kuLuka 17:26 kuya kwelama 30, Wakusho kwelama 27. . . Luka 17, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, babedla, bephuza, begana, beganiselana; futhi abakwazanga uNowa waze wangena phakathi. Kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Kodwa Wathi, futhi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti."

109 Sewake wabuyela emuva na? Ngifisa ngabe besinesikhathi sokubuyela emuva futhi nje sembule lokho. Sibuyele kuGenesisi, leyo yiNcwadi efanayo uJesu ayeyifunda. YileYo Ayembula, ekhuluma ngayo. Buyela emuva lapho, bhekani lokhu Akusho. Namadodana omuntu. . . "Amadodana kaNkulunkulu azithathela amadodakazi omuntu." Abesifazane, ihumusho lase kuqaleni lesiHeberu lapho lithi kwaku ngabesifazane. "Bathatha abesifazane," niyabo, "kubo."

110 Bukani nje namhlanje, bukani ukugana, nokuganiselana, "futhi abakwazanga kwaze kwaba."

111 Bukani lapha, bukani eNgilandi, lelihlazo elikhulu, bukani lapha eUnited States, ubufebe, bukani yonke into. Kucishe impela kube njengoba kwasho umhlekisi ngobunye ubusuku, ukuthi, "Abesifazane unezingubo zabo zibampintshe kakhulu, abasimilo esibi kakhulu mabehla ngomgwaqo; into elandelayo bazoba nje nomsebenzi wokufutha, abasezukusebenzisa nje izingubo." Kuthi akube yiqiniso nje. Babukeni ukuthi bahambahamba kanjani, ukuthi banesimilo esibi kanjani futhi bengcolile futhi benamanyala, behamba. Futhi uthatha, ukhulume ihlaya, futhi bahlale phakathi kwendoda, nenye into efana naleyo, futhi bathi, "Indlela kuphela ongasho ngayo. . . Bagqoka njengowesilisa, nowesilisa ugqoka njengabesifazane. Kul'khuni ukuba u. . . bagunda izinwele zabo ngokufanayo, okufanayo. Indlela kuphela ongabona ngayo omunye komunye; uma uxoxa ihlaya elingcolile, owesilisa uyokhophozela, abesifazane bangeke." Ya.

112 "Bese kuthi–ke amadodakazi aseziyoni ayohamba eziphakamisa ngezinsuku zokugcina." Ayohluleka ukuhamba emva kweNkosi. Akunandaba ukuthi uthini kuwo, ungashumayela nje ushumayele ushumayele, kufana nje nokuzingqubuza obondeni *laphaya*. Kungubunyama okulugqinsi phezu kwawo. Akukho. . . kubonakala kul'khuni

kakhulu ukuthola owesilisa wangoqobo ongowesilisa, nokuthola owesifazane oyinenekazi ngempela.

113 Bukani emgwaqeni namhlanje, nasemabhayisikobho ethu, futhi noma ngabe kukuphi, lezi uhlelo ezingahlungwa, ukubhema osikilidi, ukuthuka, kuqhubeka, begqokisa okowesilisa, nezinto. UJesu wathi lezozinto ziyobakhona, futhi zikhona. Azidingi kwembula; sezivele zembuliwe.

114 Manje bhekisisani, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti," bukani ukuhlelwa kukaLoti, uNkulunkulu uyehla. Futhi endodeni amabili ehlela eSodoma futhi eshumayela ezansi eSodoma. INdoda eyodwa yahlala phezulu lapho noAbrahama, iBandla elikhethiwe, isifanekiso sephentekoste elibizelwe ngaphandle namhlanje, hhayi eSodoma phandle lapho.

115 Labo abaphila phakathi kwamaPentcostal, nabesifazane abagunda izinwele zabo, nowesilisa oqhubeka kanjalo, futhi akhulume lawomahlaya angcolile, futhi aqhubeke, abasiwo amaphentekoste, bathatha nje igama lephentekoste. Abasiwo amaphentekoste. Amanenekazi amaphentekoste angoqobo angamanenekazi. Owesilisa oyiphentekoste yangoqobo ungowesilisa.

116 Izikole sezicishe impela zivale, ngenxa yabafana abaphendukile ngokuba ngabaphendukezeli nezinto ezinjalo, esikoleni, ongqingili konke ndawozonke. Kungokubonakala kugulisa nje! "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

117 Khumbulani, qaphelani khona lapho, lelovesi 30, "Lapho iNdodana yomuntu iyokwembulwa khona." Senake nakuqaphela lokho na? Bhekisisani lelovesi 30, "Lapho iNdodana yomuntu iyokwembulwa khona, ezinsukwini njengoba kwakunjalo ngaphambi kweSodoma." Bhekisisani ukuthi kwenzekani eSodoma. LeNdoda yasala ngemuva. Amabili awo aqhubekela ezansi, akhuluma ku—kuLoti, ukuba amkhiphe lapho, futhi yenza—ayenzanga zimangaliso ezansi lapho, yavele nje yabashaya ngobumpumputhe. Kodwa lena phandle lapha yenze isimangaliso, phambi kwabaKhethiweyo. Yayifulathele uSara, futhi wayese—ethendeni emva kwaYo. Yathi, "Uphi uSara, umkakho na?"

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

118 Khumbulani, Yambiza ngo "Sara," yambiza ngo "Abrahama." Usuku ngaphambi kwalokho, wayengu Abrama; futhi yena waye nguSarayi, hhayi uSara.

Futhi qaphelani, wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

119 Yathi, "Ngizokuvakashela." Kwakuyini na? UNkulunkulu enyameni. "Ngizokuvakashela ngokwesithembiso."

Futhi uSara wahleka, futhi wathi, "Lezizinto ngeke zabanjalo."

120 Wathi, "Uhlekeleni uSara, ethi, 'Lezizinto ngeke zenzeka'?" Wamtshela ayekwenza. Yena eyiZwi enyameni yomuntu, wazi izimfihlo zenhliziyo yakhe, futhi wathi, "Uhlekile!"

121 Futhi ngenkathi Enziwa inyama emhlabeni, yilokho impela akwenzile.

122 Futhi Wathini na? "Lapho iNdodana yoMuntu yembulwa ngezinsuku zokugcina, njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma." Uma abaseSodoma besezweni lonke, wonke umhlaba uxovekile futhi awusekho, futhi sibona ibandla lingasekho, manje–ke sekuyisikhathi sokuba iNdodana yomuntu izembule Yona uqobo: eyiyona izolo, namuhla, naphakade. Leso yisithembiso sikaNkulunkulu.

123 Bhekisisani ukuthi Wathini. "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyokuba nani, ngibe kini. NiyakuNgibona; ikholwa." Nguyena izolo, namuhla, naphakade! Yebo. "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona." Lingeke laMbona; amehlo abo aphuphuthekile.

124 Kodwa uma nibona iNdodana yomuntu yembulwa, iZwi libuya lisenyameni yomuntu! INdoda edla inyama yethole, iphuza ubisi oluvela enkomazini, idla amaqebelengwana elenzelwa eziko, futhi yabizwa ngo "Elohim," amen, iNdoda ifake izingubo ezinothuli, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Lapho wayesemhlabeni, wabonakaliswa enyameni, futhi wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, lapho iNdodana yomuntu yembulwa ngezinsuku zokugcina, izwe liyoba sesimweni saseSodoma," futhi nanti. Mfowethu, dade, manene namanenekazi, noma ngahle ube yini, yileli ihora, nokuhumusha kungokukaNkulunkulu. Kwangathi uNkulunkulu angavula amehlo ethu aphuphuthekile esithembisweni somBhalo, sazi ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina. Amen!

Asikhothamise amakhanda ethu.

125 Baba waseZulwini, kuningi kakhulu obekungashiwo. Lokho kwenele. Ngizoma. Nkosi Nkulunkulu, owenza isithembiso, woza enkundleni, Nkosi, usembule. Inyama yethu ayilungile, inyama yethu ibuthakathaka, futhi i—inobuphofu, Nkosi. Akusikho ukuthi kukhona umuntu ofanele. Asifanele, Nkosi. Kodwa Wakwethembisa, nehora lilapha. IZwi limi phambi kwethu. Yehla nathi, Nkosi, kulobubusuku, futhi wenze into ethize njengoba Wayenza ngenkathi Usemuva lapho emhlabeni, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili ezedlule, ukuze lelibandla lazi kulobubusuku ukuthi uphila kuze kube phakade, ukuthi Unguwe izolo, namuhla, naphakade, futhi wethembise ukuthi imisebenzi Owayenza iyophindwa futhi. "INdodana yomuntu iyokwembulwa ngezinsuku zokugcina, njengoba kwakunjalo eSodoma." Nkosi, Awuzange ukuphathe lokho (ngoLoti) ngoNowa. Awuzange ukuphathe

ukuthi Uyokwembulwa ngesikhathi sikaNowa, kodwa wathi, "Njengoba kwakunjalo eSodoma, lapho iNdodana yomuntu yembulwa." O, nga . . .

126 Nkosi, makuthi abafundi beBhayibheli lapha kulobubusuku babone iQiniso. Mababone ukuthi uMalaki 4, ukuthi lolugcobo lufanele lufike, nokubuyisela emuva futhi lokho kuKholwa obaba abake bakubona, isambulo sikaNkulunkulu kuKristu. Manje kwangathi bangabona isambulo sikaNkulunkulu ezidalweni ezingabantu, uKristu ebonakaliswa enyameni yeBandla laKhe, ehamba phakathi kwethu. Siphe khona, Nkosi. Izithembiso Owazenza, nezithembiso Oyozigcina. Futhi ngizinikela mina uqobo, neZwi, nebandla, nakho konke, kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu.

127 Amakhanda ethu ekhotheme, bangabakhona yini lapha abanye, ngaphambi kokuba sibe nomugqa womkhuleko, abangathi, "Mfowethu Branham, a—angisuye umKristu. Ngi—ngi—ngi—ngifuna ukusindiswa. Ngikhulekele, uzongikhulekela, Mfowethu Branham na?" Phakamisa isandla sakho nje. "Ngizokwena." Uma nje ulapha, futhi ungesuye umKristu. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubisise, mnumzane. Lokho kuhle. Nje . . . UNkulunkulu akubisise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Nakho–ke. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle.

128 Omunye futhi phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Angisuye umKristu"? UNkulunkulu akubusise. Ngikubonile emuva lapho, nsizwa. UNkulunkulu akubisise, emuva le lapho. Nale ngapha ekhoneni, yebo, uNkulunkulu akubusise. "Angisuye umKristu, Mfowethu Branham, kodwa ngiyakholwa ukuthi wena ukhuluma iQiniso. Ngikholwa ukuthi kuyiQiniso. Ngiyakholwa ukuthi isithembiso sisho lokho. Ngifundile, futhi ngiyabona ukuthi isithembiso sethembisa lokho. Angikaze ngisibone, kodwa ngi—ngi—ngiyasikholwa." UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane. Omunye nje?

129 Uma uphakamisa ingalo yakho, lokho kwenza okuthize kuwe. Impela kuyakwenza. Kukunikeza ukuzwa ukuthi wenze into elungileyo. Akukhomuntu abaphakamise izandla zabo . . . ngiyakubona, emuva le ngemuva. Yebo. Akukho–muntu abaphakamisa izandla zabo kodwa . . . UNkulunkulu akubusise. Ngikubona lapho, futhi, nawe lapha. Yebo. He, lokho kuhle. Khumbula, uma ngigeja ukubona isandla sakho, Yena uzokubona. Wazi konke ngakho. Khumbulani, Uyazi. UNkulunkulu akubusise, dade osemcane. Uyakwazi.

130 Baba wethu waseZulwini, bangabaKho manje. Bebengeke basiphakamisa lesosandla; kuNento ebatshele ukuba bakwenze. Futhi nokho, mhlawumbe, akukho namunye wabo owake

wazibona izimangaliso ezigqamile ezibonakalayo zoBukhona baKho lapha emhlabeni ngezinsuku zokugcina, kodwa bayakubona lapha, umBhalo washo njalo, futhi kwangathi bangaqonda kulobubusuku. Ukuthi, ngisho neBhayibheli lishunyayeliwe yonke leyominyaka, futhi, noma kunjalo, abantu bakholwa okungesikho. Kodwa ngenkathi uthola uKleyophase nomngani wakhe, wase–ke ujika futhi wenza into ethize ngendlela nje owakwenza ngayo ngenkathi Usaphila emhlabeni ngaphambi kokubethelwa, bazi ukuthi lowo kwakunguJesu ofanayo. Manje, Nkosi, senzele okufanayo kulobubusuku. Yenza, kulobubusuku, wenzele lababantu abagulayo, njengoba Wenza nje ngaphambi kokubethelwa kwaKho; manje-ke, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, abesilisa nabesifazane bazokwazi ukuthi Uyaphila. Silindela kuWe, Baba, ngeGama likaJesu. Amen.

131 Manje kini eniphakamise izandla zenu, ngifuna nihlale nithule nihloniphe ngokuzithoba ngempela imizuzu embalwa. Ngizobiza umugqa womkhuleko. Angisho ukuthi uNkulunkulu uzokwenza. Kodwa ngifuna ukunibuza umbuzo onesizotha, bantu. Njengoba kukhona, o, amakhulu amaningana lapha, noma amahlanu noma amakhulu ayisithupha, kumbe noma ngabe kuyini, bukani, leyo yi—leyo yinqwaba yonke yabantu. Kodwa, bukani, kukhona engifuna ukunibuza khona. Sibophezeleke kuNkulunkulu. Sinjalo. Futhi Ubophezeleke eZwini laKhe. Manje uma Enza leloZwi liphile futhi, ni—ni—ni—ni. . . Ngifuna ngamunye ophakamise isandla sakho, nawe ongasiphakamisanga isandla sakho, masinyane kamuva uze lapha bese uma ealtare, masinyane nje uma sesikhulekela abagulayo.

132 Uphi uBilly na? Ngabe. . . Elokuqala, ikhadi lomkhuleko uB, elokuqala kuya ekhulwini na? Kulungile. Asithi, sijahile, ngakho sizoqala nje kusukela kwelokuqala. Ikhadi lomkhuleko uB, elokuqala, ubani onalo, phakamisa isandla sakho. Bheka ekhadini lakho lomkhuleko, ubone ukuthi lingubani. Uma ungakwazi ukuhamba, ngani, abanye benu yehlelani lapho ukuze a. . . B, wokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, sukumani khona *lapha*, uma nithanda. Owokuqala, owesibili, owesithathu. . . Uma ungakwazi ukuhamba, phakamisa izandla zakho, futhi bazokuthwala. Owokuqala, owesibili. . . Ngibona oyedwa kuphela, kuze kube manje. Ungeza ngokushesha, ngokukhulu nje ukushesha ongakwenza, owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu.

133 Uma omunye ongakukhuluma ngeSpenishi; ngiyabona kunabantu abaningi beSipenishi. U B, owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu. Owokuqala, owesibili, owesithathu. . . Kulungile, nango owesithathu. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, kukhona omunye. Inombolo yesihlanu, ubani onekhadi lomkhuleko eliyinombolo yesihlanu

na? Phakamisa isandla sakho, omunye. Ungakusho kanjani ngeSpenishi na? Ngabe lelo khandi lomkhuleko liyinombolo yesihlanu mnumzane na? [Omunye uthi, ngeSipenishi, "Cinco."—Umhl.] Hhe? ["Numero cinco, el numero cinco." "Nali elesihlanu."] Lapho nilitholile. Ngiyabonga. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine . . . Manje–ke, awu, iliphi elingekho na? ["Onke alapho, mahlanu."] Likhona elisihlanu lapho na? ["Yebo."] Ya, ngiyabona manje. Angimbonanga emi khona lapho. Kulungile.

134 Elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Awusho . . . [Akuqoshwanga eteyipini. Omunye uthi, ngeSipenishi, "Seis, siete, ocho, nueve, diez."—Umhl.] Manje yima lapha umzuzu nje. Elesithupha, elesikhombisa, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye . . . Nakho–ke. Eleshumi–nanye, eleshumi–nambili, eleshumi–nantathu, eleshumi–nane, eleshumi–nanhlanu. ["Once, doce, trece, catorce, quince."] Lokho kuhle. Lokho kukahle. Umzuzu nje, ake sibize abanye abambalwa. Eleshumi–nesikhombisa, eleshumi–nesishiyagalombili, eleshumi–nesishiyagalolunye, elamashumi amabili. Elokuqala kuya kwelamashumi amabili. Qala? Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye . . . eleshumi–nantathu, eleshumi–nane, eleshumi–nanhlanu, eleshumi–nesithupha, eleshumi–nesikhombisa, eleshumi–nasishiyagalombili . . . Nakho–ke. Kulungile, lokho kuhle. Lokho kuhle ngokwenele. Asiqale ngabo. Ngiyabonga, mfowethu.

135 Bangaki lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho, futhi nokho uyagula? Manje khumbulani, awudingi ukuba ube phezulu lapha. Awudingi ukuba ube lapha. Kholwa nje.

136 Manje makuthi wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba ngempela. Ngizocela, eGameni likaJesu, ukuthi kungabibikho muntu oxokozela kwelandelayo, cishe imizuzu eyishumi, eyishumi-nanhlanu, empeleni, imizuzu eyishumi noma eyishumi–nanhlanu. Nje asi—asi—asinike uNkulunkulu leyo—leyo nhlonipho enkulu. Wonke umuntu azinze ngqo. Asithule ngempela manje. Imizuzwana nje, futhi uzoba nomugqa lapha. Manje ngenkathi yena, balinde lapho, ngilalelisiseni manje.

137 Manje niyaqonda ukuthi ngimi kuphi lapha na? Bangaki okuqondayo engishumayele ngakho na? Niyabo? Futhi ngikushilo ukuthi Uvukile kwabafileyo. Manje Uvukile kwabafile, futhi wethembisa ukwenza lokhu. Manje akukaze kube kunoma yimiphi iminyaka selokhu kwaba abaphostoli, kuze kube ilesisikhathi, njengoba sazi, kodwa Wethembisa ngalesisikhathi, "INdodana yomuntu iyokwembulwa njengoba kwakunjalo eSodoma." Manje kufundeni lokho kuLuka 17, cishe

elama 20 kuwa kwelama 30, futhi nibone uma lokho kungenjalo. Wakwethembisa.

138 Fundani uMalaki 4. Ningakuxubi noMalaki 3, manje. UMalaki 3 kwakunguJohane umBhaphathizi. Niyabo? Kodwa uMalaki 4, kwathi nje lokhu kungedlula, iwick-. . . abalungile bahamba phezu kwababi, futhi izwe lashiswa ngomlilo, niyabo. Akuzange kwenzeke ezinsukwini zesikhathi sikaJohane. Silindele lokho kugcotshwa okukhulu phezu kweBandla, okuyophendula izinhliziyo zibuyele esiFundisweni sasekuqaleni sobaba, emuva ephentekoste langoqobo langempela.

139 Kulungile, hloniphani. Billy, memeza kakhulu masinya nje uma usubalayinise bonke, ezansi lapho. Kulungile, vele? Okeyi. Manje, hloniphani ngempela. Omunye uzosiza, ehambisana. Manje wonke umuntu akathule ngempela, imizuzu embalwa nje.

140 Ngifuna ningenzele isithembiso. Ngethembisa uNkulunkulu ukuthi ngi . . . Futhi Uyayazi inhliziyo yami futhi Uyazazi ezenu. Manje, ngibophezekile kuphela ukusho lokhu, okuyiQiniso. Yilokho konke engibophezeleke ukukwenza. UNkulunkulu wakuLoba; angikaze. Akusimina, akusimina; yiBhayibheli. Niyakwazi. Manje uma Ezokwembula lokho, ngeke lokho kuMlethe khona lapha ephila phakathi kwethu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo?

141 Ukuba ke ubungenawo umuzwa wokubona, engekho obenawo, futhi ubuzophumela ekukhanyeni kwelanga. Ngezinye izikhathi ubungeke wazi ukuthi ubuhambaphi, ngoba ubuphuphuthekile. Futhi uhambe ekukhanyeni kwelanga, uzwa into ethize ngempela eduze kwakho, ukufudumala impela, khona-ke emva kwesikhashana ubuyohamba ethunzini, futhi ubuzothi, "Akusekho manje." Akukho muntu obazi ukuthi ilanga laliyini, engakaze abe nawo lowomuzwa wokubona, niyabo, ubungeke wazi ukuthi bekuyini.

Omunye uthi, "Lowo umsebe yelanga."

142 "Yini umsebe welanga na? Yini ukukhanya, futhi yini ilanga na?" Niyabo, awukaze uzwe ngalo. Niyabo?

"Awu, ukukhanya okwehlayo."

"Yini ukukhanya na?" Niyabo?

143 Manje yileyondlela. Sizwa uBukhona bukaNkulunkulu, khona-ke, futhi asiBuzwa, khona-ke sihamba kuLokho. Niyabo? Futhi ukwelinye i—izinga olibonayo. Ungasho ukuthi Buyini. Niyabo? Uyazi ukuthi Lokho kuyini.

144 Manje, uma uNkulunkulu evusiwe kwabafileyo futhi elapha kulobubusuku, Wakwethembisa. Manje umzimba waKhe wangempela uhlezi esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu; Wathatha, wahlala phansi esiHlalweni sobukhos sikaNkulunkulu. Kodwa uMoya oNgcwele ulapha, onguKristu, esimweni sikaMoya. Igama *Kristu* lisho

"Ogcotshiwe." Futhi lokho kugcotshwa kwakuphezu kwaKhe, kuphezu kweBandla, sonke. Manje bekulokhu nje kuza, kusuka ekulungisisweni, ekungcwelisweni, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubuyiselwa kweziphiwo, kwehle njalo, kuze kuyofika esiqongweni sakho. Kunjalo. Kuza kwabayingcosana ngesibalo njalo, kundawonye manje. Futhi manje kune bandla, futhi manje uMlobokazi uzophuma ebandleni; niyabo, ibandla ledlula esikhathini sokuhlushwa, hhayi uMlobokazi. Ngiyaxolisa, angifanele ngishumayele imfundiso. Ngiyaxolisa. Kulungile.

Leli yinenekazi. Woza lapha

145 Qaphelani, angikholwa ukuthi kukhona umuntu phakathi lapha engimaziyo, engimbukayo. Uma nonke lapha niyizihambi kimi, phakamisani izandla zenu, niyazi angazi lutho ngani; ngakho ukuthi abantu bayizihambi phakathi lapha.

146 Manje, ngiyacela, ngiyacela ningayaluzi. Hlalani nithule, nizohlala na?

147 Bonke osemgqeni womkhuleko, ongangazi, futhi wazi ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisa izandla zakho. Silapho ke.

148 Manje lapha kuhlezi iqembu labefundisi. Niyabo, kulapha nje phandle ngqo lapho sonke esingabuka, niyabo.

149 Manje lelinenekazi lapha liyisihambi kimi. (Manje noma ngabe ubani okulokho, unjiniyela, bhekisisa leyomayikhi.) Kulungile, manje ngizokhuluma nalo. Lapha, nakhu kubuya, uJohane oNgcwele 4, lapho uJesu wakhuluma nowesifazane futhi wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi wakholwa ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya ke, kuselokhu kuyisibonakaliso sikaMesiya, ngoba Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kwahlanganwa njengalokhu.

150 Manje, angisuye uJesu, futhi akukho kungabaza lona wesifazane lapha akasilo lolohlobo lalowo wesifazane. Kodwa engizama ukukusho, kuyafana; nangu owesilisa ebonana nowesifazane, futhi–ke kukhona okungalungile lapho, futhi uma into ethize izongena lapha ukukwembula, lokho kuyakhombisa kuzofanele kube nguNkulunkulu. Manje bengingeke ngazi, isizathu a—angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Niyabo? Futhi uphakamise isandla sakhe ukuthi bengingamazi, futhi akangazi, futhi lapha nje simile lapha.

151 Manje ngifuna nje ukukhuluma nawe umzuzu, emva kokuba kade sikhuluma kanjalo, ngishumayela, dadewethu. Futhi uma lokho ku. . .Ngakho, niyabo, omunye uyashumayela, omunye wugcobo, okunye.

152 Manje uma iNkosi uJesu ebengachaza kimi, noma angikhombise ngombono, into ethize oyifunayo, into

ethize mhlawumbe kungahle kube ngukugula, kungahle kube ngezezimali, kungahle kube okuphathelene nekhaya, kungahle kube ngolomunye umuntu. Angazi ngisho, niyabo, anginamqondo. Kodwa uma Ezongitshela into ethize e—engalungile, noma into ethize ayilungile empilweni yakho, noma—noma into ethize, futhi ingukuthi uyagula kabikabi, noma omunye umuntu uyagula, noma into ethize ayilungile. Uma Ezokusho, ubuzokwazi ukuthi bekuyiqiniso noma qha. Wena, ungasho noma kuyiqiniso noma qha. Awu, uma Azi ukuthi bekuyini, khona–ke Uyazi ngempela ukuthi kuyoba yini. Uma Engakusho okwedlule, Angakusho okwamanje nokuzayo. Manje bekuzokwenza ukholwe ngenhliziyo yakhoyenke, ukuthi ubuzokuthola okucelayo na?

153 Bekuzokwenza izethameli zikholwe ukuthi bezizokuthola Lokhu oku. . .?. . .[Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje ningayaluzi manje. Ngilindile nje futhi ngiyabuka, ukubona ukuthi Ubezongitshelani, ngoba angazi. Nje ngi, umhlangano emva komhlangano, kunokwethuka, niyazi, nokushumayela, nokusheshisa, nokubhekisisa *lokhu* nalokho okuthembisile, futhi ngizonikhipha lapho ligamenxe elesishiyagalolunye; sekucishe kube yilesosikhathi manje; kungenza ngethuke, ngakho nje ngifanele ngizithulise mina uqobo. Niyabo? Yi . . .

154 Isiphiwo akusiyo into ethize njengokuthatha ummese futhi unqamule into ethize. Lokho akusiso isiphiwo. Isiphiwo ukuzithola wena usuke endleleni ukuze uMoya oNgcwele ungakusebenzisa. Futhi yileyonto kuphela engifanele ngiyenze, ukususa uWilliam Branham enkundleni, niyabo, ukuze uNkulunkulu ezoza.

155 Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha wonke umoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, ngenkazimulo yaKhe, ukuthi amaZwi engiwashumayelile angabonakaliswa. Ulapha manje. Ngi—ngifisa sengathi bengingakutshela ukuthi kukanjani. He, o, he! Uma Ubezongitshela ukuthi kusasa ekuseni angiye emathuneni oMongameli futhi ngivuse uGeorge Washington, bengizonitshela ukuthi nize futhi nikubhekisise. Nje lokho Abezokusho manje. Niyabo? Angazi ukuthi Uzothini, kodwa, Akushoyo, kuyoba yiqiniso.

156 Inenekazi liphethwe yinkathazo yamehlo alo. Linenkathazo ngamehlo alo. Ayalihlupha. Linenkathazo yeqolo elihluphayo. Linokwethuka, nokwethuka kakhulu. Kunjalo. Akunjalo na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Awusho, enye into, ungumfundisi wohlobo oluthize, unjengowesifazane . . . Ungumshumayeli ongowesifazane. Kuyilokho. Manje uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, hamba, futhi ungaba nakho okucelile.

Nyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

157 Woza, mnumzane. Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga. INkosi isazi sobabili. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela na? Manje, lowo bekungowesifazane; nangu owesilisa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Bekungakwenza ukholwe na? Uphethwe ukwethuka. Unenkathazo futhi ngamehlo akho; aya ngokufiphala ngasosonke isikhathi. Kade ekwenza lokho isikhathi esithize. Enye into, ngibona into ethize phezu kwengalo yakho. O, ibhiphi yakho. Kuyilokho–ke, unebhiphi. Kunjalo, akunjalo na? Awu, phakamisa isandla sakho uma lezozinto ziqinisile. [Umfowethu uthi, "NgiyaKubonga, Jesu!"—Umhl.]

158 Isikhathi esiningi uma ukhuluma kuye, kaningi kuzoba yikho, niyabo. Manje bhekisisani, bukani, bhekisisani. Yehlisa isandla sakho nje. Asinabo abaningi kakhulu; yehlisa nje isandla sakho. Manje, angazi ukuthi ngitheni kuye, kodwa kusemarekhodini lapho, niyabo, kukanjalo eteyipini. Angazi ukuthi Utheni.

159 Kodwa asibone manje. Yebo, amehlo, okwaleyonto eyo dwa. Futhi khona–ke, enye into, unehluli legazi futhi lokho kusebuchosheni, futhi ube nesifo sohlangothi. Lelo yiqiniso. Awu, uyakholwa manje na? Uyakholwa ukuthi uzosinda na? Uyakholwa ukuthi lowo nguNkulunkulu ekhuluma, hhayi mina? Kulungile, khona–ke hambani, kukholweni. Yilokho kuphela enifanele nikwenze, ukukholwa nje. Uma nje bengakholwa, yilokho kuphela. Uma bekholwa nje, sekuphelile.

160 Unjani na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angembula kimi inkathazo yakho na? [Udade uthi, "Yebo, Ngiyakholwa."—Umhl.] Futhi uma Eng embula, kuzokwenza uMkholwe na? ["Yebo."] Kuzo kwenza. Wesabani na? Angeke usho, ungasho na? Nje kufana nobumnyama, ukwethuka. Bese kuthi–ke enye into, unenkathazo entanyeni yakho. ["Yebo."] Kunjalo. Inkathazo yakho isentanyeni yakho. Khona–ke unothize enhliziyweni yakho, omkhulekelayo. ["Yebo."] Unenqwaba yenkathazo ngakho. ["Yebo."] Futhi kungophuzo. ["Yebo."] Umyeni wakho. ["Yebo."] Ungophuza kakhulu. ["Yebo."] Futhi uyamkhulekela. ["Yebo."] Uyamkholelwa na? ["Yebo, ngiyakwenza."] Khona–ke ngizokhuleka ukuthi uJesu Kristu uzokwenzela lezizinto. Kulungile.

161 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje lokho, ngokuphathekayo, kunjalo . . . Labo ababili, abathathu, noma ini, abane, noma yini ehambe yedlula, lokho kufana kakhulu nje njengoba uJesu enza eBhayibhelini lonke. Niyabo? Kunjalo. Ukwenzile kowesifazane, watshela lowo wesifazane leyonto eyodwa, futhi Wahamba wehlela eSikari; Akazange abe esasho enye into eyodwa kunoma ubani ezansi lapho, kodwa bakholwa ngenxa yobufakazi bowesifazane. Ya. Lowo wesifazane akadingeki afakaze kuwe; umi khona lapha

ukubuka, wena uqobo. Ufanele nje ukholwe. Kusobala, abanye angeke bekholwe, akukho lutho kubo ukuba bakholwe ngakho.

162 Unjani na? Manje, siyisixako. Bengingeke ngaba yini umuntu owesabekayo emi lapha uma . . . Owesifazane othandekayo onekhanda elimpunga kanjalo, futhi ecabanga ngezinto, futhi umama wami uqobo oligugu ubengaba ngako ngeminyaka, futhi nje washona lapha eminyakeni embalwa edlule. Futhi uma noma yini engingayenza ukusiza lelonenekazi bandla, ngiyokwenza. Ngiyazi, uma—uma ligula, uma bengingathatha futhi—futhi ngiphushe uhlamvu lwemali ngekhala lami ngizungeze lelidolobha, bengingakwenza. Anginandaba ukuthi ubani obengangihleka. Ngi—ngifuna lona lisinde. Uma bengingalisiza, bengingenza kanjalo. Kodwa angeke ngilisize. Futhi kakhulu njengoba Ekwenzile, uNkulunkulu usevele ukwenzile lokho. Futhi Uyakuthanda ngaphezu kokuba ngikuthanda. Wakufela; futhi angizange ngikwenze lokho. Kodwa Wakuthanda ngokwenele ukuba akufele.

163 Kodwa manje–ke Wabuye wangithumela nje isiphiwo esincane. Wathumela umelusi wakho lapha ukuba akhuleke futhi abeke izandla phezu kwabagulayo, futhi, uyabo, lokho kwenziwe kakhulu impela emvuselelweni, lokho kuwuhlobo oluthi alube senkathini edlule, uyazi. Futhi manje kuphezulu komunye othize, uyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, ubakake, enye into.

164 Manje uma iNkosi izokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waYo, noma inceku yaYo na? Uyakholwa ukuthi yiYo na? [Udade uthi, "Yebo. Ngiyakwazi."—Umhl.] Wena, wena, awu, ngiyakubonga, dadewethu. ["Impela."] Manje ngiyakholwa ukuthi leyonkathazo yezinso obuphethwe yiyo izosuka kuwe. Uyakukholwa lokho, futhi na? Unesicelo enhliziyweni yakho, ufuna ukungicela. ["Yebo."] Uma ke ngisembula lesosicel ungakangiceli, bekungakwenza ukholwe kakhulu na? ["Impela."] Ufuna ngikhulekele indodakazi yakho. Ayikho lapha. Kunjalo. Uyafuna ngembule ukuthi yini inkathazo yayo na? Kungukwethuka kwangempela. Manje kholwa, futhi izosinda. Uyabo? UNkulunkulu akubusise, dade.

"Uma ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka." Uyabo?

165 Lenzani iZwi likaNkulunkulu . . . Bonani ukuthi ngabe lababafundisi abakusho yini lokhu. IBhayibheli lathi, kumaHeberu, iTestamente eLisha, isahluko 4, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika lehlukanise, ngisho nasemnkantsheni wethambo, futhi lahlulela imicabango, izizindlo zenhliziyo." Kunjalo, bazalwane na? [Abefundisi bathi, "Amen."—Umhl.] Niyabo?

166 Kuyini na? YiZwi labelwe lolusuku. IZwi labelwe lolusuku, ligcwalise lesisithembiso, "Lapho iNdodana yomuntu iyokwembulwa, izinsuku zaseSodoma zonke lezi ezinye izinto zithenjisiwe," nakhu, yiZwi likaNkulunkulu lembulwa, ngoba yiZwi uqobo lwaLo lehlulela imicabango osenhliziyweni. Niyabo? Kunjalo impela.

167 Manje, lelinenekazi, angilazi, omunye umuntu obukeka enomusa. Bengingaba yini, umuntu omubi kabi, uma bengingasiza futhi . . .

168 Manje umzuzwana nje. Omunye umuntu, bekungowesilisa, bekungowesilisa obonakalile, nomunye khona lapho ekhuleka. Yibani nokukholwa nje. Ngi—ngiyabona manje ku . . . Ngizofanele ngisho nje engikubukayo. Niyabo, yilokho kuphela engingakusho, yilokho—yilokho engikubonayo.

169 U, yebo, uphethwe isimo sesisu. Kusesiswini sakho. Manje–ke ufuna ukungicela isicelo futhi leso ngesikamama wakho. Akekho lapha, kodwa uyagula. Ufuna ngimkhulekele. Lokho akunjalo na? Unesinye isicelo. Ngese . . . Ngumuntu ongekho lapha. Kukude kude le usuka la. Futhi ngiyabona kule . . . Kukwelinye izwe. Kukude le usuka la. Futhi ngu—ngumuntu osemusha, umntwana ephethwe uhlobo oluthize lwesifo, isifo sasezifundeni ezishisa kakhulu. Eningizimu Melika, kunjalo impela. Kukuwe. Lelo yiqiniso impela. Kunjalo. Kodwa, kholwa ngenhliziyo yakho manje.

170 Angiphilisi. Usevele usephilisile. Aniqondi ukuthi nguBukhona baKhe futhi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]. Ngizodingeka nje ngilokhu ngiqhubeka ngiqhubeka, manje sekuqala ukungiphuphuthekisa kancane, niyabo.

Wena uthi, "Lokho na?"

171 Awu, mfowethu, dade! UJesu, owesifazane wathinta ingubo yaKhe, Wajika wayesebona ukuthi kwakuyini, Wayesethi, "Aphumile amandla kiMi." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Awu, Wayenjalo, lowo kwakunguNkulunkulu. Kuthiwani ke ngami, isoni na? Ufanele ukholwe. Ungangabazi. Kholwa. Lokho yi . . .

172 Uyakholwa na? Owesifazane osemusha, futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho na? Awu, ungakholwa, uzokwemukela futhi ukukholwe ngayo yonke eyakho . . . Uyazi ukuthi bekungaba yiqiniso. Uyabo? Manje into eyodwa eyinkathazo yakho, iseqolo lakho, unenkathazo yeqolo. Bese kuthi–ke unesifiso esikhulu enhliziyweni yakho, sento ethize, futhi, leso ngukuthi, ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kunjalo impela. Uyakukholwa na? Awu, uzoWemukela. Amen. Manje qhubeka futhi kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uzokwemukela umbhaphathizo.

173 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa lesosifo samathambo futhi akwenze uphile na? Manje, qhubeka nje uhambe futhi uMbonga. Kunjalo, manje. Uyabo? Uma nje uzokholwa! Kulungile, mnumzane.

174 Ungeza, nenekazi, njengoba nje ubuhlezi lapha, siza. Ungeza na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? [Udade uthi, "Ngingakungabaza kanjani na?"—Umhl.] Manje yileyondlela–ke, khona–ke ungeke usaba nesifo samathambo. Awuzukukhubazwa yiso. Qhubeka nje ngendlela yakho, futhi uthokoza. Leyo nkathazo yenenekazi iyanqamuka, futhi. Hamba nje, ubonge iNkosi, uthi—uthi, "Akadunyiswe uNkulunkulu." Kulungile. Kulungile.

175 Manje uyakholwa uhlezi lapho, nenekazi, uyakholwa na? Kulungile, mnumzane. Manje leyonkathazo yamanenekazi obunayo, inkathazo yabesifazane, isikhathi eside; kholwa nje ngayoyonke inhliziyo yakho, futhi uhambe futhi izothola . . . uzosinda, futhi ngeke usaba nakho, uma uzokukholwa. Ufanele ukukholwe.

176 Kulungile, lilethe inenekazi, intombazane encane. Woza lapha, s'thandwa. Manje, sisi, lapha ngizoyibamba ngesand umzuzl nje. Woza lapha, s'thandwa senhliziyo. Bengicabanga ukuthi bekuyilokho. Uthola ukuklinyeka ngesinye isikhathi, awunjalo, awukwazi ukuphefumula, kal'khuni? Leso sifuba somoya esidala sibi kabi, kodwa uNkulunkulu angasiphilisa. Awukukholwa lokho na?

Nkosi Jesu, ngikhulekela ukuthi uzomphilisa umntwana . . .? . . .

177 Ungangabazi, dade. Sizosuka kuye. Hamba futhi ukholwe manje, ngayo yonke inhliziyo yakho.

178 UNkulunkulu uyasiphilisa isifo sikashukela. Angenza noma yini isinde Afuna isinde. Awukukholwa lokho na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa na? ["Amen."] Kulungile, thana, "NgiyaKubonga, Nkosi," futhi uqhubeke ngqo, uthokoza nje.

179 Umzuzu nje. Ngilokhu ngibona indoda yenyukela lapha, ngiyabona. Nakhu. Umfo omncane ehlezi lapho, ephethe umfana omncane ngezingalo zakhe. Uyakholwa, mnumzane na? Ngiyisihambi kuwe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angembula kimi ukuthi ufunani na? Uyabo, uthinte Yena. Angikwazi. Kodwa uphethwe yinkathazo, isifo sethambo. Kunjalo. Umfana wakho omncane lapho unaso. Umfana wakho omncane ehlezi eceleni kwayo unaso. Leyo yintombazane yakho encane ihlezi eceleni kwalowo. Yona, usezingalweni zayo, futhi inezinxemu. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje uyakholwa na? Ungangabazi. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi nje. Kholwa nje. Zonke izinto ziyenzeka kulabo abakholwayo.

180 Ukhalelani izinyembezi, nenekazi elincane, uhlezi lapho, enhla ekugcineni, neduku lakho liphezu kobuso bakho, ukhala na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, ngilapha na? Unenkinga yokomoya otadisha ngayo. Kunjalo na? Konke kuzohlanzeka. Kuzoba kahle.

181 Lelonenekazi lihlezi eceleni kwakho lapho, usanda kukhuluma kulo nje umzuzu. Libeke iduku lalo nje phezu kobuso balo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, dade na? Uzongikholwa, njengomprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Uzongikholwa? Kulungile. Leyonkathazo yamankanka ekade ikuhlupha, izosuka kuwe uma uzokukholwa. Uzokukholwa na? Uma uzokukholwa, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakukholwa."

182 Ufuna ukudla ukudla kwakho kwakusihlwa, kuleyonkathazo yesisu, eceleni kwalapha, nenekazi. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi na?

183 Inenekazi elilandelayo linenkinga yokomoya lapho. Futhi unomqubuko, futhi, okuhluphayo. Unendodakazi enomqubuko, nayo. Lokho akunjalo na? Yebo, mnumzane. Ihlezi phakathi. Uyakukholwa lokho na? Kulungile, ungaphiliswa uma ukukholwa.

184 Nga*pha* ke na? Lapha, ngibona lona omcane, indoda enguMmexico ihlezi phansi lapha ekugcineni, ingibuka ngqo na? Awukuboni lokho kuKhanya kulenga phezu kwayo na? Indoda ingubumnyama ngaphezu kwalokho, uyabo, okuyikho lapho okuyizungezile, leso yisithuthwane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa esithuthwaneni, mnumzane na? Uyakholwa? Kulungile, Uzokwenza.

185 Awusho, indoda encane eceleni kwakho lapho, encane, indoda eyiSipenishi, inesibhono. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa isibhono sakho, mnumzane? Uyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa?

186 Olandelayo, unenkathazo yesisu. Wena onqekuzisa ikhanda lakho lapho, unenkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphilisile na? Ngakho hamba udle ukudlwa kwakho kwakusihlwa, Uzokwenza.

187 Ngitsheleni ukuthi bathintani, kusuka le ezethamelini zonke. Kuyini na? Ukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu. Niyakukholwa, nina uqobo na? Niyakukholwa na? [Ibandla liyajabula—Umhl.]

188 Bathi abanye babo lapha na? Lapha, nansi indoda ilele ohlakeni lombhede. Mnumzane, angikwazi. Angikaze ngikubone. Uyangikholwa na? Uyakholwa ukuthi okuzwile kuyiQiniso na? Uyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho

na? Uma—uma uNkulunkulu engangitshela lapha ukuthi yini engalungile kuwe, uzo—uzo . . . ungakukholwa na? Ngizokutshela okuthize manje. Futhi uyakwazi, uhlezi ngakuye. Usibekelwe ukufa. Ngumdlavuza. Ngumdlavuza. Futhi ungumfundisi weVangeli. Ngikubona umi epulpiti. Futhi lokho kunjalo. Futhi ungowangaphandle kwedolobha. Manje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ulalelani lapho uze ufe na? Uyabo? Ngeke walahlekelwa.

189 Kwakukhona abanye abanochoko. Uyayikhumbula indaba, ngenkathi iSamariya livinjezelwe, labo abanochoko bangena lapho? Bathi, "Sizohlalelani lapha size sife na? Uma sihlala lapha, siyafa; uma siyongena emzini, siyafa."

190 Udokotela wenze konke angakwenza. Akukho lutho olungenziwa, impendulo yakhe kulokho. Inethuba elilodwa kuphela. Labo abanochoko babenethuba elilodwa, ukuba behlela endlini yesitha; uma babasindisa, baphila; uma bengazange, babezofa, noma kanjani. Kodwa awucelwa ukuba uye endlini yesitha. UseBukhoneni bukaNkulunkulu wakho. Ubheke uku . . . Awusukumi ngani, futhi uthathe lolohlaka lombhede futhi uye ekhaya, ngeGama likaJesu Kristu. Futhi ukukholwe, futhi uye ekhaya futhi ukholwe ukuthi uphilisiwe.

191 Nonke nina abanye nizokholwa yinto efanayo na? Uma nikholwa, yimani ngezinyawo zenu.

192 Ngicela labo bantu abaphakamise izandla zabo, uma bebefuna ukusindiswa, futhi befuna ukwemukela uJesu Kristu, ngifuna nikhuphukele lapha futhi nime lapha ngakimi, umzuzu nje. Ningeza manje na? Yenyukela lapha, nina enikholiwe futhi nifuna ukwemukela uKristu. Anisoze nasondela kakhulu ngokunye kuYe nize nihlangane naYe ngokubonakalayo. Khumbulani, iZwi, futhi ngishumayelile, uNkulunkulu uLiqinisile ukuthi liyiQiniso. Wozani, yenyukelani *ngapha*, nonke. Wonke obengamazi uKristu, eniphakamise izandla zenu, futhi wozani lapha; enithi beniyizoni, futhi benifuna ukusindiswa, wozani lapha futhi nime umzuzu, nenzele umkhuleko. Ningakwenza na? Ningeza Esasondele kangako na?

193 Nisho ukuthi beningabona lapha iZwi lishunyayelwa, nibone uNkulunkulu ejika futhi ethi leloZwi liyiQiniso, "Lowo yiMi, lowo yiMi, Ngimi lapha, uNkulunkulu impela ozonehlulela," bese–ke nihlehla na? Ningakwenzi, ungahle uzinqume wena uqobo kuze kube phakade. Niyabo? Nampa abathathu babo bemi lapha. Cishe kunamadazini amabili. Wozani ngqo manje, nizoza na?

194 Qhabo, akukho culo, awudingi ukuba ube neculo. UKristu uyiculo lakho. UKristu ungukuhlabeka kwakho. IZwi ilona elikushoyo.

195 Kunjalo, nakhu kuza insizwa ezimbili. Phumani, nina eniyizoni. Yehlelani lapha ngqo umzuzwana nje, nizokwenza

na? Khona ngisezwa ukuholwa, ngiwumisele lenhloso umugqa womkhuleko. Wozani lapha ngqo manje. Wozani lapha ngqo. Sizofinyelela emgqeni womkhuleko. Nje...Kunjalo. Ya, manenekazi wozani ngqo phakathi *lapha*, izinto ezincane.

196 Khona kulolusuku ngenkathi lababafo abancane beza, kuleli hora elikhulu ngenkathi kusenamabhungu namatshitshi ekudlangeni kokonakala, lababantu bayeza e...Futhi ngiyethemba ukuthi uNkulunkulu uzobenza izibonelo ezinje baze, omakhelwane, lapho abantu bezobona ukuthi uJesu Kristu usabasindisa abalahlekile.

197 Ningeze na? Phumani ngqo, lapho enikhona. Yehlelani lapha, umzuzwana nje. Kulungile. UNkulunkulu anibusise, bafana. Lokho kuhle. Yenyukani ngqo futhi nime. Wozani, wozani. Emuva le ngemuva, abanye abantu emuva le niphakamise izandla zenu, ningehle manje na?

198 Sengicishe impela nginincenge. Ngi...[UMfowethu Branham uqala ukungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] IZwi limi ngaphandle, lingqongqotha lizama ukungena. "Bheka, Ngimi emnyango, futhi ngingqongqotha; uma noma yimuphi umuntu eyovula futhi angene, aNgingenise, Ngiyodla naye, naye adle naMi." Ungeze na? Yehla ngqo manje, ume lapha. Bukani, iZwi selishunyayeliwe, Lifakazelwe, uKristu uvusiwe kwabafileyo, Nangu wenza khona nje Athi Uyokwenza. Akaxhumene nezinhlangano, amahlelo, ukuyonifaka entweni ethize; lokho ngukukhetha kwenu. Ngifuna nithathe uKristu manje.

199 Woza, ungeze na? Ukhona omunye na? U...UNkulunkulu akubusise. Nakho-ke. Menyusele ngqo lapha.

200 Bazalwane ningehlela lapha na? Manje laba bazoba ngamalunga amabandla enu. Yehlelani lapha.

201 Woza, omunye futhi eBukhoneni bukaKristu ngqo, ngiyawuzwa nje uMoya ubiza nje enhliziyweni yami. Impela, uma lokho kwenza lokho enhliziyweni yami, ukhona othize khona o lapho ofanele ukuza. Ngabe ukhona umhlubuki khona lapho ofanele ukuza na? Woza, ume lapha. Uzokwenza, abanye benu na? Mhlubuki uzoza na? Nakho–ke. UNkulunkulu akubusise. Woza. Nakho–ke, yehla ngqo. Ngempela. Yileyondlela. Yiba yindoda ngempela; inenekazi ngempela. UNkulunkulu wakwenza, inenekazi. UNkulunkulu wakwenza, indoda. Lawo ngamandla obuhle. Lawo ngamandla. Woza manje, ungeze na? Woza, yima ngapha. Nakho–ke. Nakho–ke. UNkulunkulu ufuna wena eBukhoneni baKhe bobuNkulunkulu. Khumbula, khona impela.

202 UNkulunkulu uzolehlulela ngobani izwe na? UJesu Kristu. Ubani othenjiswe ukwenza lokhu ngezinsuku zokugcina, ukuzembula Yena uqobo na? UJesu Kristu. Akusimi. NguKristu. UKristu nguYe olapha ezembula Yena uqobo. Ukuzehlisa,

njengoba Wayenjalo; engaphumi ndawo, njengoba Enza; engena kithi, njengoba Enzile. UnguNkulunkulu.

203 Manje ngamunye wenu bafundisi buthanani phansi ngqo nizungeze lababantu, ngqo ngokushesha impela manje yehlelani ngqo phakathi kwabo lapha, yimani nibazungeze ngqo. Sizobakhulekela.

204 Omunye futhi ofuna ukungena kulomugqa womkhuleko na? Umzuzwana nje. Kulungile.

205 Lawa kuzoba ngamalunga amabandla enu, bangani. Lokho kuzoba yi . . . Nina, nizofanele nibathathe kusukela lapha kuqhubeke, manje. Babona iNkosi uJesu emandleni aYo okuvuka kwaYo. Balapha ukuba babe ngamalunga ebandla lenu. Babhaphathizeni ngombhaphathizo wamaKristu, bathatheni nibafake enhlanganyelweni yenu. Bangabenu, kusukela lapha kuqhubeke. Ungumbheki endlini yezihambi.

206 Asikhothamise amakhanda ethu, wonke umuntu. Ngamunye, mKristu phandle lapho, oqotho, nikelani umkhuleko walababantu.

207 Futhi uma lababefundisi efuna ukubathatha babangenise ekamelweni, lapho abangafundiswa khona ngokuqhubeka, kulungile.

208 Baba waseZulwini, lona yimiphumela womhlangano. Nakhu kuza izoni, ishumi nanhlanu noma amashumi amabili azo zizungeza ialtare, zifuna ukunikela izinhliziyo zazo kuWe. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi uzozimukela, eGameni likaKristu uJesu iNkosi. Ngiyakhuleka ukuthi Uzozemukela, uziphe ukuPhila okuPhakade. Ziyifa laKho, Nkosi.

209 Umuntu ngamunye phakathi lapha, ogulayo manje, beka izandla zakho phezu komunye nomunye. Yeluleka, ubeke izandla zakho, futhi uqale ukukhuleka, omunye komunye. Beka izandla phezu komunye nomunye, uqale ukukhuleka, omunye komunye.

210 Befundisi, bekani izandla zenu phezu kwalababantu lapha. Nakho–ke. Kunamandla nenkazimulo nezibusiso phezu kwethu, noSathane wehluliwe eBukhoneni bukaKristu.

